Ngaphambi kokuthi aphantswe yizinso waphinde wadutshulwa futhi. Wayesehlala kwi wheelchair, wadutshulwa emlonyeni. Wayehleli lapha ngasekhaya e Sofi bezihlalele nomunye umfana. Kwaqhamuka umfana waka Ngcobo, bekhuluma namantombazane ase next door. Wathi nje uma ethi uyaphenduka, yakhala inhlamvu yangena emlonyeni yaze yayobhajwa emqaleni. Bazitshela ukuthi baqedile ngaye, ngoba lo mfana ayehleli naye wakwazi ukubaleka wangadubuleka. Wahamba-ke umfana wami waya esibhedlela, bathi esibhedlela angeke bayikhiphe lenhlamvu ngoba uzoba paralyzed kabili. Waze wasizwa omunye ubaba wase Azalea owamphathela umuthi wesintu wokuphuza, wawuphuza yabe seyiphuma ngezansi inhlamvu.

Kwakuyilegenge yamatrucki ehamba yonke indawo baze bafike nakoMhlabuyalingana wawuphatha lomuthi kwayimina ngangingekho ekhaya. Benza isobho base bemphuzisa, wathi umfana eya etoilet, wayizwa inhlamvu iphuma ngezansi. Ngoba lenhlamvu wawukwazi ukuyibona la emqaleni uma ephenduka. Waphinde futhi wadutshulwa ngaka Ndlela ehamba no Malu, uMalu wayemphusha nge wheelchair kuyiSonto. Kwaqhamuka ikhumbi eyayibomvu ihambe idubula noma wubani osemgwaqweni.

USichiza wayenguphakimpi weNkatha ejwayele ukupaka imoto yakhe e-garage laka Ncalane.

Ukuthi waye nezintozakhe nje, kungathi kukhona ayehamba nabo kungathi wayehamba notokoloshe. Wayengahambi yedwa, ngoba kwakuthi uma efuna uchuku aye esitolo eSofi lapho azi kahle khona uzofike athole abafana, ahambe yedwa futhi.

Kahle, kahle uSichiza waqala waba yi ANC wase eseba yiNkatha kanti uyimpimpi, kusho ukuthi wayesewela ngala. Wathatha igenge la wathi akuyohlaselwa kaAwethe, kwahanjwa kwayiwa kohlaselwa ka Awetha lapho umuzi waphenduka waba yidamu (*uhleko*). Bangawubona umuzi babona ama Swimming pool.

Kwakukhona indoda yeNkatha u-Awethe, Izimoto zasha zonke ezazidubula khona.

Amakhumbi ayeyohlasela khona asha wonke, phela uAwethe wayeyinyanga.

Umfana wami uze uyalinyazwa nje, yingoba wayekhona kulaba ababeyohlasela kaAwethe kanti bahlohlwa uSichizi. Wayefuna ukubabona ukuthi ba weak kangakanani, uma befika laphaya bazofika benzeni kanti yena uyishaya ngapha nangapha ebusuku uyiNkatha, emini uyiQabane.

Babemuthatha bamfake emotweni. Kuthiwa wayevele athi wena nawe, wozani ningene emotweni abe esehamba nabo. Umuzi waphenduka waba idamu bangawubona abantu laba ababethi bazohlasela, babuya bekhathele bathi umuzi kaAwethe uphenduke idamu. Kwathi ngelinye ilanga abafana behla ngomgwaqo bethi bazodubula yena uAwethe ngoba sebazi isikhathi sakhe sokubuya ngoba wayethwala izingane zesikole. Bahlasela imoto, izingane ezazisemotweni zashona zonke kodwa yena wangathinteka, kunalokho waphenduka iOrintshi, nabahlaseli abazange besayibona imoto.

U-Awethe wagcina eshone ngokugula, futhi washona kahle ngoba wayesekhombisa nokuthi abantu uyabazi, kodwa waqala ukubazisa late abantu emva kokwenza umonakalo omkhulu.

Okukuqala kwatholakala o R2000, kwaphinde kwaba wu R30 000, kwase kwaphela kanjalo. Ka Mjwarha yahanjiswa. Kwakuthiwa uma ufake izinwele ezibizayo awutholi lutho kusho uBatha. Mina ngawuthola uR30 000, kwaphela two weeks ngiwutholile umfana wami wagula waphathwa izinso, ngamthatha ngamuyisa kadokotela ngayo leyomali ngaphinde ngamungcwaba ngayo.

NONHLANHLA SITHEBE

Mina igama lami ngingu Nonhlanhla Sithebe, ngihlala e 1141 Mphafa road. Siyabonga kakhulu, nayizolo besikhona lapha, umama uMabongi wasichazela ngokudingekayo. Thina njengomama, noma kungabe sishadile noma asishadanga kodwa singomama. Ukuba khona kwale project kuyasijabulisa kakhulu ngoba kukhona lapho sizokwakheka khona. Singomama ziningi izinto



esibhekene nazo ngoba sike sahlangebazana nobuhlungu kodwa uNkulunkulu uye wahamba nathi, manje siyajabula ukuthola ithuba lokuthi sibhodle. Okungijabulisa kakhulu ukuthi uma kuze kwagcinwa kubhalwe umqingo ngalezindaba zethu, noma singadlula thina emhlabeni kodwa isizukulwane siyosala sibone ukuthi omama bethu bake bahlangana bazoxoxa ngezindaba ezinkanje. Noma thina bomama sisho ukuthi sike sahlangana saxoxa. Nabantwana bethu le ndaba izoba wusizo olukhulu ukuthi bafunde ngalezindaba. Thina nje sicela uNkulunkulu asize ekutheni lokho esenikuqalile kube yimpumelelo.

Mina ngazalelwa eNewcastle ngo 1946, ngizoyibeka kanje le ndaba, ngike ngalahlekelwa yipasi ngase ngiyokwenza elinye kuthe uma libuya langabe lisabuya nonyaka ofanelekile. Mina ngizalwe ngo 23/09/1946 kodwa manje ipasi lami elisha selithi ngazalwa ngo June. Lapha e Maritzburg sifike ngo 1965.

Njengoba bengishilo ukuthi safika eMbali ngo 1965. Ngaleso sikhathi ngangifunda eSobantu uma ngisuka eSobantu ngase ngiyofunda eAshdown. Kodwa- ke ngabe sengenza into okwakungafanele ukuthi ngiyenze, ngasuke ngajola emva kwalokho ngabe sengithola umvuzo wokuthi ngikhulelwe ngo 1966 lo mntwana wami engithi washona. Angibange ngisakwazi ukusebenza noma ngiqhubeke ngifunde, ngoba nomuntu owangikhulelisa wayengafuni ukuthi ngisebenze kodwa ngangiyinto ehlala ekhaya nje.

Uyazi mina ubuhlungu engabuzwayo, ukuthi nithi nihlezi emphakathini kube nezinto zakhona nje, unikhiphe nje inyumbazana. Ngalesosikhathi uVusi okungubhuti wami wayekade eboshiwe uma kwenzeka zonke lezinto, mina ngase nginalo mfana wami engithe wangikhipha esikoleni, igama lakhe uBongani.

Manje ngalesosikhathi kwase kulwa amaqembu athile, manje ekhaya nani kumele niphume nenze lento eyenziwa abanye abantu basemphakathini. Manje umbuzo womntwana wami wawuthi, uma ngiphuma ngiya lapho kuliwa khona ngizophuma nani ngoba anginaso isibhamu? Kodwa wayemubi umntwana wami, noma kona engabulawanga abantwana bakomakhelwane.

Umntwana wami wabe esethola intombi, wagcina eyizalisile lentombi okwakungeyaka Eleven leven Ndlovu. Kuye-ke kwenzeke uzwe izigi ngoba namanje njengoba silapha kuyenzeka uzwe izigi, noma ushiywe yigazi. Ngalesosikhathi wayekade efunda eSiqongweni. Kwakusa nesitayela sokuphema, nami ngagcina sengiba yi client lalapho engangenza khona ikhanda. Ngagcina sengithi, hayi wayemuhle umntwana wami. Naye-ke umfana wami waya lapho nami ngenze khona ikhanda, naye bafike bamenza I perm baze bamthatha nezithombe.

Kwathi-ke omunye ubaba waka Makhalima wamcela umfana wami ukuthi azobamba itoho esitolo ayesebenza kusona, nangempela wabamba lelotoho naye esezenzela imali yakhe.

Ngokuthola kwakhe le yomali kwase kuzomsiza ukuthi akwazi ukuzijabulisa yena kanye nomama wengane, bahlela nokuthi bazoya kobukela ibhayiskobho. Waphinde wabuya wazocela ukuthi ahambe nomfowabo baye kobhukuda e Alexandra wakwenza futhi lokho. Manje angithi uma sewungene emanzini I perm iyaphela. Bese ngithi, ngoba kwakunencwadi ekwakufanele ayikhokhele ukuze athole I report esikoleni, ngase ngithi kuyena, Bongani uzokhokhela incwadi bese uthenga ama products eperm. Wathi umntwana wami, mama angeke ngisakwenza lokho ngoba angifuni ukuhlupheka ngonyaka ozayo sengiya esikoleni sengiya nalezinwele ezinje. Ngimbuze ukuthi uchaza ukuthini? Njengoba ngishilo ukuthi umuntu uyazizwa izigi, ngalokho ngichaza ukuthi umntwana wami wayesezwa ukuthi uma efa ngeke afike nalezinwele kuNkulunkulu kodwa engafikanga emhlabeni nazo. Ngalelolangwa kwakungu Msombuluko mina ngangigula ngiphethwe umlenze [Uyakhala]. Wathi kimina, mama ngisaya ngezansi, kwakukhona umngani wakhe kulomgwaqo ayeya kuwona. Wathi uma kufika ubaba ngicela nize nizongilanda ngoba asezovela amaqiniso manje, uyabona esikhathini samanje siyafa. Bese ngimkhuza ngithi, hayi Bongani akukhulunywa kanjalo.

Wafika ubaba wakhe, kodwa manje nami njengoba ngangingaphathekile kahle emzimbeni ngenxa yalomlenze owawungiphethe. Uma esefikile ke ubaba wakhe athi, hayi yazi nami angizizwa kahle emoyeni, ngisaya ekhaya ngifike ngiphuze umuthi wenyongo. Wabuya ke umntwana wami abe esethi usaya kumama wengane. Kwathi nje ephuma kanti iqembu ekuliwa nalo lilayishe abafana abazoqotha ngapha ngakithina.

Kwakukhona imoto eyi station wagon eyayigcwalisa abafana abazokulwa. Uma iqhamuka lemoto abanye babafana bangapha ngasekhaya bakwazi ukuba nenhlanhla ngoba ngisho nababona yayingasekho indlela yokuthiphisa uBongani. Ngalesosikhathi umama wami wayesengadini enisela,

saqhuma isibhamu futhi bamshaya ngezinhlamvu ezintathu. Uma siqhuma lesibhamu wonke umuntu wayebuzwa ukuthi engabe leyongane ekabani. Mina engakuzwa kwakungathi yifu nje, ngoba ngavuka phansi kade sengicambalele.

Kwaku ntambama ngabo 7.00 pm. Ngavuka phansi ngithi ake ngiphumele phandle ngizwe ukuthi akakhali yini umama wengane kaBongani, kodwa namanje angazi lokho ngangikushiso yini. Uma ngithi ngiyaphuma, nomlenze ngiwuhudula kanjalo, kwase kuqhamuka umzukulu ka Old John ememeza ethi, we gogo, we gogo sebemdubulile uBongani! Basuka-ke umama wami nomunye umama wakamakhelwane mina ngizwa kuthiwa bangibamba sengiyoziphonsa emfuleni. Lapho bamshaya umfana wami walala emgwaqweni. Ngoba kwathi noma sekufika lawomaphoyisa, umama wami wayesethi uyamgudluza emgwaqweni mina angibange ngisaya lapho. Kuthiwa amaphoyisa athi, gogo ndini uzolala wena phansi usikhombise ukuthi ubelele kanjani. Ngoba kuthiwa umama base bemhudula emgwaqweni ngoba nami angibange ngisaya ngoba sewenza umsebenzi ekungesiwona owakho. Basho njalo nje, izimoto zamaphoyisa ziyagijima emgwaqweni. Wahlala lapho kusukela kwenzeka ingozi kwaze kwabe kuyanetha isidumbu somntanami silokhu silapho emgwaqweni, ekufanele bazolanda isidumbu bengafiki.

Yebo sambozwa isidumbu. Umama wami kanye nomama wakamakhelwane bahlala noma bafika esethule umntanami engasakwazi nokusho ukuthi kwenzakaleni. Yilokho-ke ubuhlungu engabuzwa, uqale uzwe ubuhlungu nabantu ohlezi nabo. Kodwa kukhona konke lokho, into eyangibulala kakhulu ukuthi uthi ungumama uzazi izinseka zokuzala ingane noma ukuthwala ingane, kodwa kuthi uma esefile umntwana wami ajabule amakhosikazi. Kube sengathi kufeinja ngoba wayengaphumi yena ngoba engenaso isibhamu. Ajabula amakhosikazi isilele ingane yami phansi.

Inkinga kwakungukuthi, uma izingane zethu ziyohlasela zidubule abantu, eyakho izivalela endlini. Manje inkinga kube wukuthi, laba abahamba baye kodubula basuke benezibhamu, manje lona uzophuma ephetheni. Lapho kube sekuthiwa uzenza ngcono. Ngabuzwa ubuhlungu kakhulu kodwa ngoNkulunkulu emuhle sahlala saqina idolu futhi asiphindange sihlaselwa. Sahlala, kangangokuba kwakufanele sihlaselwe nokuhlaselwa ngoba singaziwa ukuthi siyiliphi iqembu. Eyi mama futhi ndini loyo wahamba eyi! nkosi yami, ukube nje eyi! Kwakuthiwa umntwana wami uthatha izindaba ngapha aziyise eNkatheni, kodwa angazi iziphi izindaba azithathayo aziyise eNkatheni. Kwakuthi uma sebenza izinto zabo sebelandelwe izintelezi, umntwana wami asale ngaphandle washona -ke. Phela angithi uyazi ukuthi uye uyenze into kanti kunabantu abaseceleni abazoyidlulisa indaba. Mina ngangingekho kodwa labo ababekhuluma, ngesikhathi bekhuluma wezwa loyo wabe eseyabuya wazongitshela. Wabe esethi ngicela kodwa ungangisho, bamshaya owami umntwana.

Ngalowo Msombuluko umntwana wami wafa kanye nowaka Mdluli. Kwakusabeka kona kodwa abantu bafika emngcwabeni, ngoba noma kungabe ukhulumile kodwa uyaye uze nawe ulandele abantu. Futhi noma kungathiwa ufuna ukuba nesiqiniseko noma ngingazi ukuthi isiqiniseko sani ngoba vele laphuma igama lokuthi usefile! Lokho kwakushiwo ngomntwana wami. Kwathi ngomngcwabo, omunye wangena ephonseka esontweni bemjaha ngoba sezwa kuvuleka izicabha zemoto. Bambuza ukuthi uya kumuphi umngcwabo? Naye usekhulile uSphumelele.

Angifuni ukuqamba amanga, njengoba sengishilo ukuthi vele siyakwazi ukukhohlisana, ujabule nawe uthi ungenile uSimangele kanti awazi ukuthi uzobhekani. Njengoba ngike ngasho ukuthi izinkulumo ezazikhulunywa, kodwa njalo uhlezi nabo Labantu, nokuthi bathi uthatha izindaba zangapha uziyise eNkatheni

Omunye umuntu owayethi uma efuna ukukuqhatha wayevele angene kini, igama lakhe uSichizi.

Ngempela ngoba nathi kwake kwathiwa sizobulawelwa lokho. Angithi wayekade edayisi izinkuni singenawo ugesi la eMbali. USichizi wayesafana nengane yasekhaya, uma ethola kudliwa uphuthu adle naye uSichiza. Manje mase kwenzeka yonke lento kwase kufanele singambheki nhlobo. Alisho nje ukuthi it's a pity ngoba phela vele bayonidubula nife. Kodwa uma kuke kwaba khona oyodubeleka la ekhaya wathi ngeke ngize ngiyeke ukungena layikhaya ngoba kade ngivele ngingena. Umama athi hayi angisafuni ukuthi ungene layikhaya, athi uSichiza uyadlala. Wayesho athi ngoba ngingena la ekhaya, bayomdubula abamdubulayo "kodwa" angazi-ke kwakungowani lo "kodwa". Ngangimazi uSichizi mina kodwa ngingazi ukuthi ngizomxosha ngithini, ngoba ngisho ingane yakho iyiphara usuke ungakuthandi lokho njengomzali. Uthole ukuthi lengane beyivele ingena la ekhaya, manje sengizothi ingasangeni ngoba iyiphara? Uyabona njengalento ebengiyisho izolo ukuthi ayikho into ebuhlungu njengokuthi uzwe ukuthi abantwana babaleke bazongena kwakho, kodwa wena umangabe sebenzenile kwakho abantwana bese uthi ngoba vele ukuleli qembu mese uyalifonela. Uthi naba abafana lapho begcwele khona abantwana abangu 13 noma 14 bafe la emzini womuntu. Abe eseyaqhamuka emva kwalokho ephethe lezobhamu uJerome(warlord) ngoba imizi yabazali bethu akayihloniphi, athi ayi ungadubuli lapha basinde kwenye indawo izinto ezinjalo nje ungazi ukuthi yini.

Imindeni yalabo abagcina beshonelwe yizingane noma ngingazi noma kwakunguhulumeni ngoba mina okwami kwaba mnyama nje ngoba kwakufeinja. Kodwa ngathi Nkosi kulungile ngoba vele noma kungathiwani angeke esabuya kubuhlungu ukuzwa sewubizwa umuntu esethi hawu! Kuwukuthi uma sewumbuza ukuthi kungani sewungitshela

manje ngoba ekuqaleni awuzange ungitshele ukuthi
kwenziwa njani, manje wena ngoba sewutholile hayi! hayi!

Thina saze sabhalela no Skweyiya mina kusho ukuthi
intombazane yayingasifuni nje le eyayihamba ingena umuzi
nomuzi. Ngoba abantwana baka Hlela bafa ekuseni behlezi
esitamkokweni, yafika imoto yabashaya. Kuthe ngoMsombuluko
kwabulawa umntwana wami kanye nomntwana waka Mdluli.
Kwathi uma sekwenziwa lezo zinto, wathi umama waka Hlela
ngizocela uma sewuphuma la ekhaya udlulele kaSithebe esho
entombazaneni eyayihambe ibhalisa. Le ntombazane yasho
ukuthi kuyiwa kuLoop Street, intombazane yesihlobo sethu
ifike ekhaya izothatha udadewethu baya ku Loop Street
lapho bebizwe khona bonke abantu. Kwafike lapha kwabizwa
amagama abantu, uma laba abanye abantu bethi nangu omunye
eningambizanga, bese kuthiwa asephelile ama forms. Kwathiwa
kumele sibhalele e Cape Town, sabhala kwaqala kwathiwa liyavela
igama lika Bongani kwahamba isikhathi kwathiwa alisaveli igama
lakhe nefoni yasekhaya kwathiwa ayisangeni. Lokho angazi
kwakuqhamuka kuphi ngoba ilandline yasekhaya yayingakaze
ivalwe ngaphandle kwamanje ngoba sesinama cellphone.

Mina ngaya kwiTRC eyayiseMarian Hall,
kodwa azange sithole lutho yize sayakhona.

Angazi ngoba akukaze kufike ekutheni thina esalinyalelwa
yizingane ake senze into ethile mhlawumbe engasikhipha
kulento, mhlawumbe futhi njengembokodo uma singaya lapha
siyokhala izinto ezinjalo nje kodwa akuzange kusifikele lokho.
Namanje sisahleli kulobuhlungu, kodwa umntwana wami
washona ngo 1989. Izolo ngike ngasho ngifika la ngihamba
nomzukulu, kuye kuthi uma ngikhala athi, gogo namanje
usakhalela abantwana bakho yini. Ngoba ngelinye ilanga wathi
uma engibuza ngathi, ngikhalela umama omkhulu wakho
nobaba ka Sphume. Ngoba ngesikhathi uzala lengane ithemba

lakho liba kulengane oyizele, bese ivele iyashona-ke. Ngoba kuyimanje uSphume ugqokiswa yimina ngemali yempesheni. Kodwa asizange sikucabange nokuthi sibe nenkonzo nje, umama ongizalayo wayehambe engena umuzi ngomuzi ehambe ekhuleka ikakhulu uma kungu June 16. Umama wami wake waphupha kuthiwa vuka ukhulekele loludlame kodwa ngokuthi sisaba izwe. Loludlame okwakuthiwa akalikhulekele lwenzanjani, angithi lwangena kwakhe. Kwathi noma eseshonile umama, amakhosikazi asendaweni ayesethi nje, eyi! umama u Sithebe.

FIKILE HLONGWANE

Mina ngingu Fikile Hlongwane, ngihlala kuMthombo kanti futhi sakhelene nosisi Fakazile. Nami kuyangijabulisa ukuba khona lapha njengomama ukuthi sikwazi ukuxoxisana ngezinto ezake zasehlakalela. Mina ngizalelwe eMbali ngo 12/12/1965. Ukuthi sasifike nini eMbali nami angazi [Kuyahlekwa].



Ngeminyaka yama-80s ngangisafunda, ngoba umfowethu owashona ngodlame, kwakungu 1984 ngezikhathi zo Koorenhof. Ngangifunda eGreytown, ngihlala eCottage, ekhaya ngangifika ngokuvakasha.

Mina ngikhumbula ukushona kukabhuti wami lona owayezalwe ngo 1968, umagcino wasekhaya wayengoka 1974. Ngalesikhathi kufika ibhunu uKorrenhof owafikela esikoleni eFunulwazi, esilapha ku main road. Lapho esezwa sekuthiwa sekugingqwe amabhodwe kukade kuphekiwe. Kodwa-ke asazi kungani kwenziwa lokho noma wayezodla yini lomlungu. Kuthe uma kusukwa lapho kwase kuyiwa ehholo, kwakusanezinhlango impela futhi kusaliwa kakhulu. Nalapho ehholo kuthiwa kwafike kwaphendulwa amabhodwe ngoba abantu bethi abamfuni lomlungu eMbali futhi uzokwenzani.

Kwakungu 1984, ngikhumbula ngoba isona isikhathi umfana wasekhaya ashona ngaso. Washonela le kade enqamula emlahlankosi, bamthatha abafana baye bayombulalela ngase

Zamazulu. Kwabona uSifiso Gazu owafika ephuma emsebenzini othi akanakanga ukuthi kanti wumuntu oyisihlobo sakhe lona osehudulwa efakwa emanzini. Kuthe uma bebona ukuthi uSifiso uyabona, benza sengathi bayamkhipha emanzini ngoba phela labantu ababenza lokho babe ngamaphoyisa. Kuthe kusuka emva kwalapho kwahlaselwa ubaba uDavid Ngubane owayehlala ngenhla kwasekhaya. Kwahlaselwana kwadutshulwana. Thina ekhaya sasizilile ngoba kushone umfowethu kodwa khona kunjalo kwangena amaphoyisa athi asilale phansi ngezisu ngoba manje kwase kugadwe iphoyisa uNgubane okumanje usewu mseshi.

UNgubane sewa retire, yebo -ke ngoba kwangena amaphoyisa ekhaya ngenxa yokuthi sekugadwe yena. Lapho kwasekulwa izinhlangano ezahlukeni, kwakundiza izinhlamvu yonke indawo. Kwathi ngomngcwabo wasekhaya wafika wazoxolisa ngokuthi angeke aze aphumelele ngoba kungcwatshwa lomfana amdubulile ngesikhathi ekade ehlaselwa. Kwaba yisibhichongo ngisho emathuneni abantu bejomba istop nonsense emathuneni, lokho kwenza ukuthi nathi sigcine sesingcwaba kabuhlungu ngoba umfowethu bangcwatshwa ngosuku olulodwa nalo odutshuliwe. Kwaku yisibhichongo nje, kukhuzwa izaga emnyango wawungakwazi nokuvela.

Konje uKorrenhof wayeyi Minister yani? Ngiyakhumbula efikile waze wabusisa amakhansela. Yebo kodwa wathi uma efika ehholo, abantu bagingqa amabhodwe esizulu okwakuphekwe kuwona inyama njengoba kwakuhlatshwe izinkomo.

Angithi kwakusanda kukhethwa amakhansela, manje wayezele into enjalo. Nami ngalesosikhathi ngangisemncane, ngangisano 16/17 years. Yebo, yena wayezoqinisa amakhansela.

Kwakunemigwaqo esasingahambi kuyona, kwase kwaziwa ukuthi emgwaqweni othile alubhadwa nje. Uma uhlala ngapha awuyi ngale, uma uhlala ngale awuzi ngapha. Kodwa-ke manje lokho sekwaphele konke, sewukwazi ukuhamba noma kuphi.

Thina la ngasekhaya, noma kwakungajwayelekile ngoba ngicabanga ukuthi babesaba yena uDavid Ngubane ngoba kwahlaselwa ilanga elilodwa futhi kwagcina. Kwake kwathi ngelinye ilanga kwadlula imoto eyayinabantu ababevele ngamawindi behamba bedubula. Kwaphuma yena uDavid wathi Heyi! Musani ukwenza lento eniyenzayo ngoba okokuqala kugijima nezingane la, dubulanani nodwa ngoba nizothi nisuka nishaye lezingane ezisemgwaqweni ezingazi lutho.

Angithi kithina yindlu emnyama siba nesimo sokuthi uma kushoniwe kube nemilindelo lapho ufika izihlobo nomakhelwane bethi balethe umkhuleko. Kwakuyiwa khona niqalaza ngoba niyesaba futhi naningazi noma nizohlaselwa ngesikhathi nihlangene, ngoba-ke yinto esenzeka namanje ukuthi bahlaselwe ngesikhathi behlangene ngisho emabandleni. Sasisinda ngomusa weNkosi.

Kwakuze kuthiwe uNxalane uyena osidayisayo, uNxalane umnikazi we garage.

(Kwakuthiwa udayisa ngabantu) Kwakungaziwa, angithi babefike bame kwakhe ebhizinisini lakhe bese beyadubula. Nalapho uma sewucabanga, mhlawumbe naye kwakungekho angakusho ngoba ebasaba, hayi ngoba ngempela wayecheme nabo.

Uyabona nje kwakuthi uma kungabe uhlala ngala ecaleni lakwaANC bese usubonakala ecaleni leNkatha, wawungathenjwa kuthiwe uyimpimpi. Ngisho kuthiwa kukhona owayekwazi ngale, uma ekubingelela nje, sekonakele. Lokho sekuchaza ukuthi uyiNkatha. Hayi emndenini, khona nje la kubafana ngoba sase sibhekene emehlweni. Kwakungajwayelekile ukuthi imindenini ixabane ngenxa yamaqembu. Ngoba kwakuvamise ukuthi ekhaya nibe yinto eyodwa.

Phela angithi Inkatha yayinezibhamu, manje kwakumele bazi ukuthi njengoba unesibhamu kusho wasinikwa yiNkatha,

kodwa manje umfana wakho wayengenaso isibhamu.
Mina lento ngiyobona njengokucabanga kancane.

Angithi ngisholo kona ukuthi uSichizi sikhule
simazi futhi wakhulelisa umakhelwane wethu, kwakuthi
uma ekubona akubingelele futhi akhombise injabulo.
Mina lapho sengithi nje, eyi kodwa ungibonelani ngoba
sengizobukwa kabi ngokuthi ngiwumngani walentombazane
ezaliswe uSichiza futhi eyagcina ingumkakhe.

Engikwaziyo ukuthi imizi yayibaliwe. Kodwa kwaphuma
nokuthi kuthiwe singasho ka Biyase, kodwa engikwaziyo
ukuthi umuzi waka Biyase wawukade unabafana ababe strong
thina kwafika imoto yazosilanda emakhaya, futhi safike
sakuthola ukudla. Kusho ukuthi ngalesosikhathi babetshela
ababebathanda, abantu abaningi uyabona nje thina asikaze
sithole lutho. Kuthe kusuka kwabhaliswa lemali oR30 000, thina
sezwa sekulate. Sathi siyasukuma kodwa sangathola lutho.

SMANGELE MASONDO

Igama lami ngingu Simangele Masondo, ngihlala kuMnsinsi. Ngijabulile ukuzohlangana nani njengabantu besifazane ngiyabonga. Ngokuzalwa, ngazalelwa eSobantu, ngizalwe ngo 3/10/1952. Sithuthe eSobantu ngo 1965 sesizohlala la eMbali. Ngangisebenza eTownhill ngiyi cleaner.

Lokho okushiwo uFikile kwakukhona ngampela, izigameko eziningi ezazihlasimulisa umzimba. Thina ekhaya saze sathatha ama TV nokunye nje saya kokubeka ehhokweni lezinkukhu, senzela ukuthi uma kwenzeka kushiswa lezimpahla zingashi. Kuthina umuntu owayeshisa ngempela kwakungu Thulani Ngcobo owayeze abale nezingane ekufanele kushiswe imizi yasemakubo. Yebo wayezitshela nje, ngoba owami umfana waze wantshela ukuthi hawu usele wena, nawe uyahamba-ke. Cha kwakungafihlwa, wawutshelwa nje ukuthi wena ukwi list. Okwami mina, ngathi ngihleli ekhaya, kwathiwa nanguya umfana wakho seabmdubulile lapha eFunulwazi. Igama lakhe kwakungu Khehla.

Wayeno 15 years, kwafika umbiko wokuthi nanguya seabmdubulile, ngaphuma nami ngihambe ngikekela ngoba angazi nokuthi ubedutshulwe kulaphi noma kwenzenjani. Uma ngifika kuthiwe hayi! usephuthunyiswe esibhedlela. Uma ngifika esibhedlela kwathiwa uyahamba manje udluliselwa esibhedlela esise Thekwini ukuze kuyokhishwa inhlamvu



emgogodleni. Kwase kuthanda ukuba mnyama noma kwakungakabi mnyama kakhulu ngoba mina ngaphuma ekhaya sekumnyama ngiyobheka lapha ekuthiwa ulimalele khona.

Kwakungelona usuku lwesikole ngalelonga. Ngahamba-ke ngaya kombheka esibhedlela salapha, base bethi esibhedlela bazomdlulisela esibhedlela esise Thekwini. Ngesikhathi sisalindele ukuthi uzobuya esibhedlela eThekwini akubange kusenzeka, washona wangabe esabuya ekhaya. Kwangcwabeka kona noma kwakungahanjelwana ngoba bethi abanye abantu bayesaba ukuya emngcwabeni. Hayi! kona kuqala kwakusabeka ngoba yayiphuma legenge izogada, yayithi nje izoqotha. Hayi! Alukho, sasigcina ngokuthi siyobona nje kodwa nakhona sisuke sisaba. Alukho usizo esaluthola ngoba babesatshwa phela abantu babesatshwa ngempela. Asikaze nathi sithole lutho, kwathiwa sesilate.

NOMBUYISELO SIKHAKHANE

Mina ngijwayeleke
ngoGogo Sikhakhane,
ninguMaDlamini
wakwa Sikhakhane

igama lami nginguElizabeth
elisepasini uNombuyisele
Sikhakhane ngazalelwa eNkandla.

Umyeni wami owaseNkandla,
sasesisuka eNkandla sezalana

eMaritzburg ezosebenza umyeni

wami. Ngemuva kwalokho wahamba walahleka ngasala
eSlangspruit ngahlala khona nabantwana bami. Angishongo
unyaka engazalwa ngawo sengikhohliwe ngizalwe
ngo 14/10/1948. Asiyiyeke angithi eyodlame.

Umyeni wami wayeseNkandla walahleka nezipani, uyabona
labayeni abadukayo. Ehhe! Sasihlala eNkandla. Ngazalelwa
khona eNkandla eThalaneni, sabuya sezala eMaritzburg.

Angisakhumbuli ngoba wezala ezosebenza kwaMagengqe
eCoronation angisakhumbuli unyaka ukuthi wabuya
nini. Sabuya naye sazala ingane sinaye la eSlangspruit.
Angisakhumbuli ngampela unyaka ngoba kwakukudala,
unyaka wokuthi sabuya nini eNkandla angisakhumbuli.

Uma sibuya ngapha izingane zazingakabi bikho ngoba ingane
yami yefirst born eka1972, isecnd born eka74, third born78,
last 82. Umyeni wami nje uduka nezipani sesihlala ngala.

Kuthe kushone ingane yami yomfana ishayiswe iTruck,
yona le eka82 waqhamuka ephuma la ko Tongaat, waqhamuka
ezongcwaba wabuya wayibamba phansi. Ngamubona lapho



ukuthi kanti usaphila ngoba wayeduke nezipani phela. Ngaze ngathi kubantu ababeseduze kwami, ngathi hhayi washona angimazi. Phela manje ngoba ngangikhulisa izingane ngedwa, ngathi washona kubantu. Umangabe bemubuza abantu ngithi hhayi washona loyo kanti wahamba nezipani. Bamubona emangcwabeni abantu abaningi. Ibona laba ababesemgcwabeni kushone ilast born yami ngo2018 aibo! I mean ngo2013 umfana wami ehhe ngamubona lapho ukuthi ehhe usaphila, waqhuba indlela yakhe nami ngaqhuba eyami.

Mina ngisebenze kwaPrestige Cleaners under uPeugeot ngiklina. Ngaleso sikhathi babe-le eMall, babuya eMall bezala edrobheni ku Berg Street.

Isanda kwakhiwa iMall. Angithi besila kwaMazda, saya saphuma kwaMazda kwavula uPeugeot khona eMall, saphuma eMall ngokuwa babuya bezala. Ngahamba nabo beza la kuBerg Street. Bawa kwathatha uShelly, bahamba nami. Kuthe umangabe esethatha ephela uShelly. Kwathiwa bayahamba bayaeThekwini ngoba uyacikiza uShelley, akuseyena uPeugeot wabuyela eThekwini eMhlanga. Kwashukuthi angikwazi ukuhamba phela mina nginekhaya laeSlangspruit. Ngangakwazi-ke ukuhamba ngathola iProvident fund kumnyango wakwaLabour kwaphela.

Ake ngisho okubi mina ngavelelwa okubi. Mina into eyababuhlungu kakhulu, ukushiywa umyeni ngangisuke naye le ebese zokulaxaza usula eMaritzburg. Ngangisuka naye eNkandla esethathwe abanye. Yaba buhlungu inhliziyi yami ngisala nezingane.

Nemali engangihhola yayincane ingekho eyamaKlina kodwa-ke emuhle uNkulunkulu ethanda bonke abantu wangilonda zakhula, zakhula. Kuthe ekugcineni wabuya ehambile futhi kade ele emaMpondweni wabuya wathi asambe sibuye le eNkandla. Yakhala ingane yami ya1972 ingafuni ithi 'ma uyamulalela lo ngoba uzokuchitha' ngathi mina ingoba ubaba

wenu sahamba. Kanti nalapho eNkandla ngizofike ngisale ngedwa athathwe o-young ones, o-young girls' ahambe nabo.

Iyahlekisa manje kodwa yayibuhlungu ngaleso sikhathi. Yayibuhlungu ngaleso sikhathi ngaleso sikhathi ngisale nomamezala, umamezala ehola impesheni, uyothola ukuthi siyodla leso sikhathana impesheni ikhona. Umangabe sipheke ubhontshisi sibona uthi gqwa gqwa ngifake amanzi kakhulu ukuze bakwazi ukuthi abantwana badle. Yena akasekho usethathwe oyoung ones.

Iyona into eyabuhlungu kakhulu esefona ethi useGoli usebenza nomlungu wathi angihambe ngiye Melmoth ngiyolanda imali. Bajabule abantwana bazitshela ukuthi bazodla kangcono kanti ngiyolanda uR50. Izinyembezi zehla ngabuye ngathi abantu bazongihleka ngikhalelani angithathe loR50 ngibuyele ekhaya akukho kudla njalo. Kwababuhlungu emoyeni wami. Emva kwalokho wangabuya nhlobo.

Emva kwalokho ngathi ngeke angibuyele back eMaritzburg eSlangspruit. Kwashukuthi sasinekhaya u-four room ngabuyela back eMaritzburg sahlala-ke ngathola-ke ithoho lakaPrestige ngabakhulisa abantwana kwabangcono ngoba kwakungafani. Iyona into eyangihlukumeza ke leyo. Okwamanje ayike angisahlukumezekile ngoba ngavele ngayekela kuNkulunkulu ngathi thatha Nkosi. Okwamanje ayi ngiphila kahle ngiyamubonga uNkulunkulu ngoba nganeliswa ilemali yempesheni engiyiholayo, ngiyamubonga uNkulunkulu akukho okunye, into eyangiphatha kabi leyo singaka fiki kweyodlami.

Umkhwenyana akushiye kaningi, athi asiye eSlangspruit, ahambe nesiyoni kuthiwa siyamulapha kanti sekwabanjalo. Silapha lamandiki ekuthiwa afika kanti umuntu uyahamba naye umuyisa emaMpondweni bayothandana umathandana phuma lapho wahlala la eNanda la eduze ngithi mina wenkosi. Wabuya lapho ngiyamamukela umyeni wami, kwathiwa asiye eNkandla

ngiyogada uma angahlali aguge kungabibikho umuntu omugadayo kanti khona nalapho ngizoshiywa ngingushiyiwe nje mina.

Kwakubuhlungu, ayikho into eyayibihlungu njengaleyo. Kodwa namanje ngithi nkosi ngiyabonga ukuthi ungiphe isibindi akekho umama ongazithandi izingane zakhe. Ukube nami ngangingazithandi ezami ngabe ngavele nami ngaduka nezipani ngashiya phansi ngenxa yokuthi intandane enhle ngumakhothwa ngunina ngahlalela izingane zami zindala manje. Yababuhlungu futhi inhliziyi yami ngishonelwa umfana wami ka1982 eshayiswe iTruck ngo2013. Yababuhlungi futhi sengishonelwa intombazane ka1978 yashona yayigulile-ke yona. Ngokulamana kwabo sekusele abawu-2 manje. Lona oka78 usemudala uganile kwaNdlovu, oka74 unomuzi ePitoli uhleli khona unomakoti. Mina ngihleli nabazukulu manje.

Siyamubonga uNkulunkulu ngalezizinto zenu zokuxoxa zidlulile, asina-counselling. Asiyifuni i-counselling, uJesu waba i-counselling yami.

Into nje eyayibuhlungu kakhulu ukuthi thina sasingenamuvikeli. Sasi-athekhwa iNkatha kubuye kushayeke izingane zethu umangabe sezithi ziyalwa zizame ukugqoqa amatshe zilekelela laba, kanti iNkatha izoza nezibhamu. Izibhamu phela zona zinkulu kakhulu singaphezu kwamatshe kwakufa abantwana bethu, ngangithi umangabe ngibuya emsebenzini bedutshuliwe lapha estolo sakwa-Erosi kwamaqabase bafa bedutshuliwe, bedutshulwe uyena uTerreblanche. UTerreblanche wayeyingozi kakhulu.

Kwathi ngelinye ilanga ngangiphuma emsebenzini ngisabambe amatoho, ngibona abantu baseSlangspruit ngibabona behleli lapha phezulu kuthiwe kumina “ungabe usangena Sikhakhane” sekuhleliwe laphaya. Ngithi ngizokwenza njani? Kwathiwa “ziyasha emini”. Ngathi mina nkosi Jesu kushukuthi kubike. Praise God ukuthi ayishanga imizi sibonga uNkulunkulu ukuthi

imizi ayishanga, kube yasha imizi ngabe sihleliphi? Praise God ukuthi siyaphila. Kodwa sasidayisiwe thina maqabane iNkatha. Sihlale nezidumbu zilele emgwaqeni zilele. Kwathi ngelinye ilanga ngibuya enkonzweni kwathiwa wena gogo ushonile.

Kwafika umuntu lapha emsebenzini lapha la ngangibambe khona kwaMazda uthi uzongibambela ngoba ngifile. Ngithi mina uzongibambela ngoba ngifile. Kuthiwe amaBhunu adubule wena ubuye esontweni uphethe ibhayibheli ngangijwayele ukukhonza eGrange.

Ngitshelwa intombazane eyayizongibambela uthi “ufile nje wena” iNkatha ingenile ebusuku wena udutshulwe iphoyisa isibhamu esasiqhuma, sasiqhuma engathi. Kanti ngoNkulunkulu, ngenkathi siqhuma isibhamu inkonzo isheshe yaphuma, saqhuma isibhamu kanti sengisekhaya kanti sishaya umakaNunu elapha kwaSibongile. Kwathiwa ugogo Sikhakhane ushonile asambe siyomubambela. Ay ngathi mina ‘uNkulunkulu usangibekile bekungemina loyo’. Zona izibhamu ziyaqhuma impela kwakuqhuma uyabona amaBhunu oTerreblanche babedubula amaqabane besebezicsha izinhlamvu basheshise baziqoqe izinhlamvu ukuze zingabonakali ukuthi ezabo badubula laphaya emgwaqeni ongenayo zesibhamu bacosha izinhlamvu benzela ukuthi zingabonakali ukuthi ezabo, lalulubi udlame odadewethu sebeyishilo yonke indaba enkulu.

Ey alukho usizo esake saluthola. IBlack Sash yayifika nayo kodwa ayikho ephathekayo eyiwusizo ephathekayo engingathi yayisenzela kona kwakuyiko ukuthi itibule. Kwakuthi noma seziboshiwe izingane sasihlangana umphakathi la si-amaqabane sithi azikhishwe izingane.

imali ukuthi aziyokhishwa ukuthi kukhona nje uxhaso olwaluqhamuka ayi cha alukho Hmmm

Uma kwenzekile wavelelwa umshophi kwakuba yiko ukusupporhane. Kwakuhlanganiswa zona izimali kushiwo ukuthi sicelela bani sihambe si-doneyitha kanjalo ihlangane kwazeke ukuthi ayofihlelwa-ke loyo muntu umntwana wakhe engabe yini.

Mina ngingu mamaVina Ndlovu ngizalelwe eSlangspruit ngo 14/03/1943 ngihlala

nje khona angizange ngiye kwenye indawo. Ngizalwe khona njengoba sengigugela khona nje manje. Angishadile nje mina, nginabantwana ababili.

Mina ngangisebenza, ngisebenza nje as house worker ngeminyaka yama 80s, ngangisebenzela umlungu usahamba-ke waya eThekwini. Umlungu wayese ku O'Brien ePrestbury. Ngasebenza iminyaka ewu10, ukuthi ubewu somabhizinisi bese bavula ibhizinisi eThekwini.

Kwathi uma esehamba ngase ngihlala ekhaya kwashukuthi nami ngasengihleli ekhaya, sengikhathele, sengicela ukuphumula. Ngomthetho babefuna ukuhamba nami ngathi ngeke ngikwazi ngenxa yezingane

Mina into okwiyona nje eyafika yangihlukumeza, yahlukumeza umphakathi iyona indaba yodlame ngoba emndenini wami akukho into eyenzeka.

Isikhathi mntaka ma esasiphatha kabi isoleso sodlame ngoba ngala amaqabane (UDF) sasingakwazi thina ukuthu umangabe eqhamuka amaphoyisa silwe nalabantu. Ibona ababeza iNkatha. Meyike yabona iveni izekakhulu kunakuqala. Kanti labangakuthina babengenazibhamu kwakungamatshe namabhodlela. Laba bedubula kubalekwe kuthiwe du uyabonake



ekhaya kwethu ila khona sonke iSlangspruit sasigcwala silala ekhaya kugcwala ekhaya ngisho abafana bagcina sebelala ekhaya.

Angithi umfowethu ulo wayephethe amaqabane, kwaku Bhukumuzi Ndlovu. Uyena owayephethe amaqabane ongangokuthi amaphoyisa ukube amuthola ngabe akekho.

Ehhe, wasinda kodwa. Ehhe usekhona, wasinda nje ngoNkulunkulu ngoba elinye ilanga elabanzima kakhulu kwafika amaBhunu ehlasela ekhaya ebusuku intatha efake amabaraklava kukhona umama wayesekade ashona ubaba, kukhona nodadewethu omncane ongilamayo. Bashaya isicabha bafika bangqongqoza angithi bazi ukuthi amaqabane alala la. Bazothi beshaya isicabha ngendlakadla adubule. Hhayi kwashukuthi akukho umuntu kukhona umama noBhekumuzi ukwakhe abamuchazelanga ukuthi naliya ikwakhe bazitshela ukuthi usala ekhaya. Basishaya isicabha basihlekeza bangena ngaphakathi kwathiwa umama akahlale phansi akababoni kwathiwa angakhanyisi bamugquba udadewethu wangena wonke ama-kamelo befuna uBhekumuzi kwashukuthi akekho-ke.

Baphuma bahamba umangabe evuka umama ekuseni esethi uyovula emaphoyiseni bamuxosha kwathiwa ayikho leyonto la. Bamuxosha wabuya waza ekhaya wahlala kanjalo. Elinye ilanga elabanzima kakhulu kuphatheka yona iNkatha ibona oJerome nabafana bakhe phezukumfula. Baphuma-ke abafana bethu bonke abafana bami abancane bonke negenge encane oMzwakhe bashaye ngamatshe ukuthi babadudule bangaweleli ngaphesheya kwashukuthi ba-strong banezibhamu. Ehhe bazebahlele laba zingene phansi eLindelani lapho koElina ayike kwakubhujwa lapho. Ayi lapho kwakubhujwa labo abanye beNkatha wayefake. Engimukhumbula kahle weNkatha wayefake i-jakhethi e-yellow ephethe ithomahoho yeNkatha uhamba namaphoyisa angithi manje ulinde ukuthi umangabe umfana ephuma amudekleze. Waphuma lo wabodadewabo lo

walayikhaya kubo ethi uyabaleka ngaleso sikhathi kwakukhona leliBhunu ekuthiwa uTerreblanchen elalinezinwele ezimunyama.

Awu lamusukela lazelamudonsa nge-walking stick ethi ungena endlini, hawu! Baphezukwakhe baphezukwakhe-ke babuza ngathi hhayi iNkatha ehlasela laba bangithatha bangijikijela lapha phansi. Wathi uyafika umkhwenyana wakwami bamusho ngemvubu. Wathi uyafika undodakazi wami ebelethe ingane ethi uyakhuluma bamushaya ngempama. Wathi uyafika omunye ugogo wakwa-Khothi. Wathi uyakhuluma bamugaxa imvubu. Sasinzima kabi leso sikhathi kwakungathi nje ekhaya kwami, wawungathi kukhona iPolice station ku-blue sekubomvu angith babefaka phela u-Blue, obhlomu babefaka amajakhethi a-blue. Ayi ngalelo langa lalibhubha mntaka ma lalibhubha mntaka ma kwashukuthi ngomusa kaNkulunkulu kwashukuthi-ke siyawabonga lawomantombazane omama uBlose, ngoba ibona abasiqinisa thina somama ngoba sasibaleka umangabe kuqhamuka iNkatha.

Uyabona oHappy Blose, uNana Mnandi, ibona-ke thina abasiqinisa sabantu besifazane bathi yekani ukubaleka nishiye izingane, ngoba ngesikhathi iNkatha idubula bewa angithi thina siyabaleka bafike laba babahudule bazengakubona. Sazesaya eHowick siyofundela iFirst Aid ukuthi umangabe sebezidubulile izingane sikwazi ukuzihudula sizisize. Sasinama-Kit nje okuthi sisize izingane nokuthi sabanesbindi ukuthi nathi sikwazi ukusiza izingane nje. Basisiza kakhulu oHappy Blose. Ehhe kwashukuthi udlame saqala-ke nathi ukuba nezibindi umasi athekhwa sikwazi ukusondela kuzona.

Basebethi asivuleni inhlango yoma savula iWomens league. Ayike sagijima noBlose kwangathike kuthi ngoba kwathi noma umangabe seziqala izibhamu sakwazi ukuthi singabaleki siyekhona siqoqe izingane namatshe sizisondezele ngoba mayeke yaqhamuka iveni izodubula kakhulu iNkatha kunakuqala. Bona babethi mbo kuyona iveni sebenikezwa

izinhlamvu iyothi meyiphenduka zisho zibaleke zizeneno ziphenduke ke ingane ngomsa kaNkulunkulu ziwe eziwayo.

Kwakumusa wakhe ngempela kwakufanele engabe akusalanga lutho. Kwavela lokho nakhu sekukhona ukuthi izingane sezikoState of Emergency seziboshwa sezihlala laphaya. Ayi kwashukuthi la okwafika khona nathi sesigcina kwashukuthi sasingazi, kwashukuthi sasingazi kwasekuthi umangabe sekunzima sithinte uRedleykeys

Saze satshelwa uBab’Gwala ukuthi uRedleykeys uyinhlangano e-wrong kodwa babesisiza mesebefikile neBlack Sash kwake kuthi damu. Babefika babengkuthina badudule nabo kudubuleke kube engathi kuthi damu.

Athi inhlangano ebhedayo leyo kwashukuthi nokho ke kwangathi engathi ke kuthi damu. Nokube siyaphila siyababonga kakhulu oBlose basivula amehlo ehhe nomama baseAshdown abanye sebashona ehhe.

Ehhe mhlawumbe uSibongile Mkhize loyo ngiyomubona ukuthi intombazane esasigijima nayo. Ehhe oGwala, noLulu. Ehhe ngoba nangesikhathi kufika obaba labo bephuma le ejele sasikhona siyobabingelela EFNB. Ehhe.

Kwakwithina esasikhona esavula iFNB...iFNB i-stadium sasinabo omamLulu kwangathi kuthi ke ehhe lona lasihlukumeza mntaka ma udlame. Ngoba izingane zabafana zaseMbali e-2 zasezibalekela kuthina laeSlangspruit ngoba babehluleka nabo ukulwa nalabo beNkatha. Babalekele ngala kubengcono-ke zifune ukudla, zifune imali yogwayi, zifunani uyabona nje. Nawe awunalutho ngoba kufuneka ukuthi izingane ziphile ilento eyayisihlukumeza kakhulu, udlame lwasihlukumeza kakhulu.

Wayemubi kabi. Uyena owayemubi kakhulu ezinganeni zabafana. UBab’Gwala wathi kulabafana bethu angithi wayehlala laphaya phezu komfula. Wathi kulabafana bethu abahambe bayomudubula uJerome.

Kwasho uBab’Gwala babuye laba bathi babone isiziba. Wathi uBab’Gwala ayikho leyonto kushuthi ningenwe amanzi emadolweni (*uhleko*) laba linye mntaka ma...Hhawu! Sathi sizwa kwathi wolokhothi, hhawu sezwa sekuthiwa uJerome usale ekhishini. Hhayi asikikizanga kanje ngalelo langa ngane yakwethu kwakungathi kuyashadwa.

Wasala ekhishini endlini kwakhe. Ehhe bamushaya esathi uyangena ekhishini kwakhe efika phela ngemoto esethu uyangena ekhishini kanti nangu umulalele u-number 1. Wasibeka enyameni gingqingqi sakikiza ngalelo langa. Mhlazane sekwi langa lomungcwabo abasishayanga kanje ngamatshe amaphoyisa wena... Nanti i-aeroplane la sibadukluze phela manje angithi babelekile manje sibadukluze bephuma ngale eSlangspruit sibadaklaze ngamatshe, sibadaklaze ngamatshe sathi nje hooray siyabonga akahambe naye. Wadubula ngisho uAfrikaner umfundisi wethu.

Ey alukho usizo esake saluthola ka Redleykeys. Cha ngane yakwethu asizange. Kodwa wayefika u Redleykeys azosi-supporta azoba isithunywa azosilwisa athi qinani isibindi.

Sasihlangana sisodwa, sihlanganise imali ukuthi aziyokhishwa ukuthi kukhona nje uxhaso olwaluqhamuka ayi cha alukho Hmmm. Ehhe kwakuyiko uku-supporthana.

Ngomusa kaNkulunkulu akekho umuntu ekhaya owahamba ngoba umuntu ekungabe akekho uye umfowethu. Kushukuthi wayevikelwa amadlozi akhe ngoba babefika bamufune ekhaya kodwa ekwakhe ezansi wasinda ngaleyo ndlela. Ngabe asilazi nethambo lakhe ngoba babemufuna ngempela ukube bakebamuthola ngempela ngabe asimazi.

Indaba eyayi yimbi loMrs Mavundla wayemazi ubhuti wakhe ukuthi uphuma ku27 year’s kade abulala.

Wayebulele wayeyisigebengu nje wayelomuntu oyisigebengu nje ehlala ejele. Esezomuqomisa lo akasamukhuzi lo ukuthi bhasobha isigebengu aze-atshelwe imina. Sasijwayelene kakhulu

nodadewabo ka (JN) sasijwayelene kakhulu kwakudadewethu nje. Inkinga zakhe angitshele. Ngize ngimukhuze ngithi hhayi uyayibona lento kushukuthi...wayeqome umuseshi ngithi mina musa ukuhlanganisa iphoyisa nesigebengu.

Musa ukuhlanganisa isigebengu nephoyisa kushukuthi ayizwakali le eyami indaba ngoba ngelinye ilanga waze wafika ebusuku ngezwa bayangqongqoza ngithi mina ubani loyo. Bese ethi imina Sis'Qondi vula. Ayike bese ngiyavula kanti uyazi ukuthi babaleka naloMrs Mavundla babelekela lo ofuna ukubagwaza.

Babaleka bangena-ke savala sacima ukukhanya. Sesilokhe simubuka ngamafastela...kushuti wazitshela ukuthi badlulile kanti usebashiya la kwami wadlula. Waya le. Umuntu owaba mubi kakhulu uye lo udadewabo...ngoba wayefanele ukumutshela ukuthi ehe iyabheda lento lona isigebengu esidala. Ziyathandeka nje izigebengu bayazithanda nje kanti undodakazi wami uyasebenza kwafuneka umuntu. Wayesefaka lo udadewabo ka lo emusebenzini kanti ngalelo langa bezoyo ngena u-2 emusebenzini nakho-ke mabehla laphaya esihlahleni kanti lona uchuthile. Hhawu wangabe esabuza-ke wamushaya. Undodakazi wami asangane aphele mayefika ekhaya athi 'wema'. Ngithi mina yini? Athi 'akasekho u-Aunti Busisiwe' ngithi 'mina yini?' athi 'ubulawe u-Fu' ngoba nalayo Fu ebona umntanami enkantolo watshengisa umntanawami ukuthi uzomugwaza...ngomusa kaNkulunkulu akwenzekanga waphila wagwetshwake yena.

Hhayi asimazi emva kokuphuma kwakhe, akasekhokodwa wake wafika wazwakala ukuthi wake wafika kodwa emva kwalokho asiphindanga samubona. Yazi mina ngingathini ngingathi ukube ngaleso sikhathi ukuba ngesikhathi besithuma ku uBaba Zuma efikile wasibiza eThekwini. Ukube saya kubaba uGedlehlelekisa eThekwini ngesikhathi udlame luqala sebekhishiwe abafelokazi iNkatha, laphaya sebehleli laphaya kuthina, babethi abafana sicela ukukhuluma noBab'Gedlehlelekisa nansi inkinga.

UBaba Zuma lona owaye ngu-president. Ukuthi nansi inkinga esinayo eSlangspruit ukube wasisukumela. Wazosikhulumela nalabantu azame ukuyilamula. Mhlawumbe ngabe akuzange kubhebhethেকে kangaka kwashukuthi sabuya eThekwini kuyena sabuya singaphethe lutho sabuya si-blank nje.

Sasikhulumile naye sabuya singaphethe lutho sasikade sikhulume naye umlomo nomlomo. Kuleliya bhilidi esakhuluma kuyena kulona. Kwaba umuntu owayezolungisa njengo muntu owayemukhulu kwiANC ekanye nobab’Gwala akwenzekanga lutho wangasilandela nokusilandela. Mhlawumbe ukube wafika sesimutshelile ukuthi abafelokazi abasenandawo bakhishwa uBaba Zuma oseyinkosi yaseSlangspruit ngabe mhlawumbe kukhona okwenzeka kwangababikho okwenzeka kwakubi kangaka.

Ngingathi mina ukuba amaphoyisa ayengempela emele ubuphoyisa ngabe aluzange lubelungaka udlame ngoba iNkatha yayine-background yazi ukuthi umangabe sekuqhamuke amaphoyisa sekufanele bayekubona lamaphoyisa abaphakele izibhamu nezinhlamvu ukuthi bashaye leUDF. Ngabe akuzange kube nje kwashuthi umthetho awukhouhambisana neNkatha futhi besitshela laba bethi ‘Mandela is a dog’ hmmm. Kufanele sijoyine iNkatha wona impela amabhunu amaphoyisa athi ‘Mandela is a dog’ uyabonake ukube bona babanokulamula bangachema ngabe akuzange kubhebhethেকে kanjena abantu abaningi kangaka abafa.

Into eyayenza amaphoyisa asayide neNkatha ngiyayazi. (*uhleko*)...Kwakwenziwa ukuthi lendoda isikhulu seNkatha ngikhumbuze. Ubab’Buthelezi. Ukube akazange abeyixoki aphume kwiANC aqale leliqembu lakhe ngabe akuzange kube nje ngesikhathi yena ephuma kwiANC wadayisa iANC abuya amaBhunu ezakuyena ethi laba bamaphekula, ilapho nje indaba.

Isuka nje lapho indaba yena wadayisa oBab’ Mandela, ukube waqhubeka yena waba iAnc ngabe akuzange kubekhona yonke lento.

Mina ngingu Jabulile Njoti. Isibongo sami ngingowaka Buthelezi ngase ngishadela kaNjoti. ngafika eSlangspruit ngina10 years, ngafikela endaweni ekwakuthiwa ikaCebekhulu kwaDungela. Ngazalwa ngo-04/ 09/ 1960, ngazalelwa endaweni yaseOkreskraal mhlawumbe uke uzwe.



Ingala ngaseNgadini, ngazalelwa eNgadini mina, sathutha eNgadini saya eMkhondeni. Sashaywa ukuthathwa kwemihlaba sasuke eMkhondeni seza eSlangspruit ngina10 years. Umama wazoqasha khona wathola indawo ngakhulela eSlangspruit, ngize ngaba ngishadela khona. Ehhe ngemuva kwalokho ngahamba ngayogana emaXhoseni endaweni yase Mount Frere kodwa umyeni wami sinaye la. UngumXhosa kodwa sinaye la. Siyaya nje ekhaya izingane zami ngizizalele la eSlangspruit. Ehhe kuthe ngo1984, lwaqala udlame.

Mina ngabo 1983 kuya kuma 90s ngangifana nje nomuntu owenza itohho njengoba ngisebenze 10 years eGolden Horse la sekuse-Casino. Ngangenza itiye ngiphinde ngi-cleaner izindlu.

Basiyekisa ngoba sekungena i-Casino, ehhe ngayeka, bathi asiqale phansi si-applaye kabusha. Ngabona ukuthi ngeke ngisakwazi umsebenzi wakhona ubususinda kakhulu, sekunalento ye-Comrades Marathon. Umangabe kuzoba khona yona kufanele ukuthi ngingene u-05:30 ekuseni ngiyophuma

u21:30 ebusuku. Nginenkinga yeTransport abasiniki iTransport kufanele ukuthi uzifunele wena, ufile usulwayiza emgwaqeni ungasazi ukuthi uzokwenzanjani. Ngabona ukuthi ngathi lento inengozana phakathi ngavele ngathi angisale sengiyeka nje ngizothola noma owa3 days. Ngempela ngawuthola la koWembuli ngasebenza khona, nakhona ngashaya u-10 year's ngase ngihlala phansi impilo ingangivumi.

Mina okwangithinta kakhulu ngaleso sikhathi nje udlame olwalubhedukile kubheke phezulu. Yilokho nje okwangiphatha kabi kakhulu kwathi kusenjalo kwashona udadewethu egwazwa isoka lakhe, lamugwazela kuLongmarkethe, yabona umangabe uthi uwehla eSontweni.

Dlula nje kancane uyalibona iphaseji elincane eliphuma kuChurch street, wayethole umsebenzi nje lapho. Mhlawumbe kudala uyakhumbula ukuthi kwakunazitulo udlule kuzona zihleli phandle.

Wathi nje mayedilika lapho kanti isoka lakhe limucuthele lapho, lamugwaza. Nhlanhla leyo, leyo ekhemisi kanti iSecurity lakhona liyabona. Ilona elamusiza laze lamubizela i-ambulance, akabange esafika eGrey's waphela nje endleleni. Kwangilimaza nje. Uhamba ushiya izingane konje ezingaki? KwakuBheki, kuPhumzile, kuSindy, kuWendy zaziwu4, babewu 4 abantwana. Ubashiya nje babephansi emaklasini angazi nje mhlampe babeku-standard 1 noma standard 3, abanye abangathi sebekhulile umfana engathi wayeseekhulile kuphela laba abanye babephansi kakhulu mhlawumbe babe la ko-Standard 2/3, wabashiya nje.

Lo muntu umushiya nje umama lo ongizalayo akaboni emehlweni, namanje usakhona. Uyena okade ehlala nabo ngoba mina sengishadile. Kwacisha-ke ilambu laphaya ekhaya lami ngoba akasekho phela umondli khona. Ngomusa nje kaNkulunkulu kwabakhona umama owaba nomusa la eSlangspruit. Kuqala bekunalento angazi noma ngizothi uMasipala yini owayeke

aqashe abantu yabona njenge toho lokuthi kuklinwe
iSlangspruit sonke noma ngikhuluma ngikhulumela yena nje.

Ngikhulumela kulelo toho ngoba umyeni wami wakwazi ukuvuma ukuthi mina angibambe lelitoho lemali engiyithola kuleli toho ngikwazi ukondla ekhaya...yena uzobheka ekhaya lami. Ikona okwangithinta kakhulu. Kodwa uNkulunkulu emuhle zakhula izingane kanjalo ngoba sezindala yize ezinye sezishonile, kushone uBheki noWendy, laba abanye babevele bengamawele. Kwashona nalawa amanye amawele manje kusele lawa amanye amawele okungumfana nentombazane. Ikona okwakungithinte kakhulu.

Konke lokhu kwenzeka ngomhlaka 07/01/1987, samungcwaba ngo 14/01/1987. Ngendlela okwakulikhuni ngayo ukuthi ehhe kungcwabeke ngesikhathi sodlame, mhlawumbe ebhasini sasiwu-20 ngoba kwakungaphumeke abantu. Wawungazi ukuthi umangabe uya emathuneni uzokwazi yini ukubuya usaphila nje. Leyompilo enzima ngendlela ongakaze uze uyibone kodwa-ke kwadlulake lokho.

Uhm uhm! Wayekade eganile udadewethu before wachitheka emzini wabuya weza ekhaya waqoma lelisoka leli elajika lamubulala.

Kodwa ke laboshwa lelisoka, wagwetshwa useven years, futhi usaphuma kudala, kade aphuma.

Eyi isigameko esake senzeka, usuku engilikhumbula kahle kakhulu usuku lapho okwathi umangabe kuhwalala mhlawumbe kwako 19:30 p.m ngoba kwakusebusika kumnyama.

Eyi angisawukhumbuli, zasho izibhamu ngangikakabi nayo nendlu engconywa ngoba ngangiqashile. Babaleka omakhelwane bami sazoqoqana ndawonye nezingane la ekamelweni elilodwa ukuthi lalidle gokuthi lalilikhulu. Zasho izibhamu kusukela ku19:30 mengicabanga zaze zathula sekuntathakusa. Wonke umuntu owayela endlini kwakungekho...

Uyazi wawubamba ngisho umphefumulo usaba ukuthi mangithi ngiphefumula kakhulu bazongizwa bakhona la emnyango inhliziyi. Mina nginomfowethu oyedwa kumawami sasala sababili sasiwu-5 sesasala sababili uthumbu, uyena owokugcina.

Kwathi makuqala ukukhanya, nganginombuzo wokuthi ngizomubona esaphila yini uThulani? Uyazi kwathi mekuqala kukhanya savula umnyango wonke umuntu wayefuna ukubona ukuthi umuntu wakubo ukhona yini. Kwashukuthi umangabe kungena umuntu abuzwe ukuthi konje usibanibani uke wamubona. Athi ayi angimubonanga nami bengizicashele kweyami indawo kanjalo kanjalo. Kwaba usuku olwalusinda ngendlela eyisimanga lelosuku. Olwesibili ilapho okwathi kusemini bahlasela la sihleli khona uAnti nomawami bawomakhelwani kanje, mina ngangingenhla kwabo uyibona into eyenzeka laphaya ezansi. Angilikhohlwa lelosuku, okwakunomfana owayephetha isibhamu owathi umangabe elana ezansi hhayi! Wawubona kutayiza nje sisho nje isibhamu sisho.

Ila kwadubuleka khona umntwana okuthiwa isho lona owayeganwe, okwakuthiwa uzalwa, isho lona okwakuthiwa uganwe uMaMkhize uMbhekeni ehhe la kwadubukela leyongane ekuthiwa uMsizi. Kwabaleka yonke into ukuthi labobafana bagwenywa yini ezansi sasibona ukuthi bayakhuphuka beza lana kuthina. Lelosuku uNkulunkulu wasivikela akubanga ukuhlakanipha kwethu ngoba wawubona ukuthi umangabe beke bakhuphuka kushukuthi siyahamba sonke. Umangabe efika amaphoyisa athi azosisiza kunokuthi azosisiza thina ashaye thina (*uhleko*).

Ngesikhathi sithi sithembele kuwona, wona azoshaya laba abethu abafana ayeke laba abahlaselayo. Isona sikhathi esingazange sisiphathe kahle. Lafika khona olunye usuku lapho ngangisasebenza ngisemsebenzini, kufone ingane yami ithi ‘weMa ungabe usaya ekhaya’ ngithi mina

yini? Ithi yona “kubaleke wonke umuntu eSlangspruit”.
Ngithi mina nilaphi? Yabo lapho phezulu eBuffer.

Kwakungakabi bikho zindlu ngaleso sikhathi, bonke abantu babebalekile beshiye izindlu. Nami ngafika ngayohlala lapho ezami ngafika ngazicelela zazise Ematshaheni la zazicelelwe khona. Singalali udlame kusukelwa izingane zangale EmaNtshaheni zithi zisosilekelela ngala izingane. Kuyanetha azigqokile izingane, sithathe impahla zethu sizinikeze, sikiphe ukudla kwethu sizinikeze lukhona usuku nje. Eyi! Engakubona, ngoba uNkulunkulu uyamelusa umuntu. Lezingane, nathi sesiphelelwe ukudla nathi manje akusebenzeki akwenzeki lutho asikwazi ukunyakaza.

Kwakuhlasela iNkatha ihlasela thina singamaqabane, UDF. La eSlangspruit kwaze kwafika lasihlukana phakathi uyawubona lomgwaqo waseSlangspruit? Umgwaqo lona ongena kuwona la eSlangspruit ekuthiwa uSkhumbuzo Ngwenya.

Wawungeqekile ngale kuwona maweqela ngale usufile, sasiphila leyo mpilo eyokuthi owangala, owangala owangale, owangale. Awukwazi ukuya ngale ngisho ngabe unesihlobo sakho ngale awukwazi ukuthi uyengale ngisho singafa singcwatshwe angeke ukwazi ukusibona. Saphila leyompilo iyona mpilo engazange isiphathe kahle nje odlameni.

EMbali umuntu owayehamba phambili kwakungu-Jerome, thina laphesheya kwethu kwakungu Khanda Elincane Zondi noNgcobo uThu, uKhanda Elincane uyena owayeqondene nathi ngqo ngoba uThu wayethe ukuba phesheya kancane kuthina.

Saba naleyo nkinga asizange sikuthole ukuphumula, lukhona olunye usuku la kwabulawa khona umntwana owaze walahleka esesemakhazeni niyamukhumbula uNtandweni.

Konje kwakowakabani? Wayengowase-Matshaheni kodwa eqashe eSlangspruit la angisasikhumbuli isibongo sakhe.

Sasazi amagama ngoba abaningi kwakungabantwana abaqashile yabo. Lolosuku kwaba usuku olulikhuni kabi ngoba kwadubuleka babaningi abantu abadubuleka lapho. Kwathi loyo esimushoyo esimukhumbulayo uNtandweni wahamba wayofakwa e-mortuary. Kuthe esese-mortuary walahleka. La esethi useyokhishwa sekufanele ukuthi angcwatshwe wangatholakala e-mortuary. Kwasiza abantwana esasinabo ngaleso sikhathi ngikhumbula kahle ukuthi kwaku uMaraiza, kuJabulothi, Thembinkosi Mkhatheni oNcenge abazebahamba bayongena ngenkani e-mortuary ukuze bamuthole. Manje uduka nje udukiswa abantu beNkatha besebenzisana nesibhedlela ngoba babezimisele ngokumcwiya.

Yebo kushukuthi babesebenzisana ne-mortuary ukuthi phela isikhathi esiningi iUDF (ANC) yayingakakabi nawo amandla amakhulu. Kwakuyibona abanamandla. Uyayibona leyonto. Sasinaleyo nkinga yokuthi uthi uqhamuka ngala ufike behambisana nabo, uthi uqhamuka ngala ufike sebehambisana nabo uze ugcine ungabe usazi. Noma-ke nje ukuthi loyomntwana wangcwatshwa kwasiza zona lezozingane. Sihleli sithi silinde umngcwabo kuthiwe isidumbu asitholakali. Bangena ngenkani ngodlame basithola isidumbu sangcwatshwa. Wayengekho esibhedlela wayesemakhazeni akwaMntungwa okusho ukuthi naye wayehlangene nabo abeNkatha.

Sihluphekile ngesikhathi sodlame sihluphekile awucabange nje ufike ufelwa umuntu wakwakho kuyabe ekugcineni kuthiwe akatholakali. Akaziwa ukuthi ulaphi.

Ngalelolangwa kwase kunalento yokuthi umangabe kuyoliwa ukuze nibonane ebusuku niwobani. Kufanele nibe nezinto enizifakayo ukuthi nibonane. Sengathi kwasuka impimpi yangala ngakuthina yayotshela laba abangezansi ukuthi umangabe nifuna ukubabamba fakani lento khona bezothi ibona kanti

sekuyinina wafa ngaleyondlela ke yena. Kwakuwumntwana ostrong ngalendlela emangalisayo. Ikona okwasithinta ngampela.

Thina abantu ababe-strong kwi-UDF kwakungu Themba Kunene ababe ama-leader, nomunye okwakuthiwa uMbhesheshe waye-strong. UMbhesheshe noBhekumuzi Ndlovu, noBaba Majozi kube uJamuloti, kube uThembinkosi Mkhathini, kube uSkopane uCele. Noma ke sebashona abanye babo futhi bashona ngalo udlame kodwa abanye basaphila. UThemba Kunene nje usaphila

Sebashona abanye basaphila abanye bashona ngalo udlame kanti futhi unkosikazi wakhe wayekhona kwi-Womens League sasigijima naye sasihamba naye. Kodwa usashona unkosikazi wakhe.

Into nje eyayibangwa ukuthi kukhona abe Nkatha, thina siyi-UDF. Angithi nje kwenzeka kanje ukusuka kwayo lento. Othi ngiyichaze ukusuka kwayo. Ehhe kwafika loyo okuthiwe uDokotela Ngobese, Ehhhe ehamba noWinnie Mahlangu lona owayengumsakazi bafikela kwaMavundla. UMavundla lona oyisikhulu manje onesitezi lapha eSlangspruit. Ugogo Mavundla waye iNkatha wathatha udadewethu lona engithi washona wamufaka eNkatheni wathatha o-aunti bala bobabili wabafaka eNkatheni.

Labantu bathathwa uMavundla uAdelethi. Wayebathatha labantu uAdelethi usefaka laba abantu abaseSlangspruit njengoba umangase nawe ufike eSlangspruit ufikele kumina mina sengizofuna abantu bami wathatha udadewethu okuyena inkosazane yakwethu lona engithi wagwazwa isoka lakhe, wathatha o-aunti ababili, wathatha wayakuZuma. Wathatha uNgubane lona owayengumfundisi, kwa-uElina kodwa yena wayengumshosha phansi loyo. Laba usethi-ke abahlangane angisazi nokuthi wayethini emithingini yabo, ngoba ngangingafuni ngisho ukusondela kuleyonto, mase

beyenzile le-meeting yabo abesethi uZuma, ehhe uzobakhela imizi angithi uyabona eSlangspruit inezindlu zabantu abanikazi bemihlaba, ake ngiyibeke kahle nje indaba.

Njengoba ungibona nje anginayo indawo yami ungamangala umangase ubone indlu engihlala kuyona, ngoba angikwazi ukwenza lutho umhlabathi ophansi awungivumeli akusiwona owami, akuyona indawo yami. U-aunti (ekhomba uV.N) uyabona ukuthi ukhulele eSlangpruit ugugile manje akanayo indawo ethi yena batelekile nezindawo. UZuma mayengena ebantwini efuna ukuzuza abantu ungena ngokuthi ngizonakhela imizi yenu khona la akekho umuntu ozonithinta. Hhawu! Basizakala abantu bajoyina iNkatha.

Manje asazike ukuthi kwenzakalani bajoyina abantu abaningi, bajoyina leNkatha kwangazwanwa kwakhona uqhekeko nansi iUDF nansi iNkatha. Inkatha yayingayifuni ngisho ukuyibona legenge encane. Kangangokuba neNkatha iqothe kakhulu kulegenge encane ngoba iyona eyayi-strong kakhulu. Uyabona nathi ukuthi size silinqobe udlame lwase Slangspruit sasizwa muntu thize wasiyalela inyanga ngoba yayingena iNkatha. Wathi hambani niye-enyangeni esendaweni ethize angisazi kahle noma eyase Smero noma Nhlazatshe yini. Kwafanele ukuthi sikhipe imali emakhukhwini sihlanganise kuyolandwa intelezi yokuthi sikwazi nanamhlanje njengoba sisahleli. Saphuma thina laba. Kwaphela ukuthi somama abakholwayo sa-rawunda iSlangspruit lesi sonke ngo-12 ebusuku sihamba sichela.

Ukuthi oweqile weza ngala angayi ngale, thina kwathiwa singeqi basitshela abafana bethu ukuthi ningeqi ngale, akweqe laba beze ngala, make beqa beza ngala iphelile indaba yabo. Hmmm sasi-rawunda iSlangspruit ubusuku bonke, uyasibona ukuthi singakanani ubusuku bonke sisi-rawunda sihamba sichela, sichela sinyonyoba sequele ngale ema-phasejini eNkatha wawungafa futhi nalapho.

Ngikhumbula kahle ukuthi yafika mina ngangiyi emakhaya kwakushoniwe emzini wami. Ayi ngizwe e-reyidweni konakele eMaritzburg. Ayi ngisho ukuthi engabe asekhona yini amakhaya noma kushuthi awasekho. Hhawu! Ngithi ngiyezwa kuthiwe hheyi bo! Libhubhile, athi umyeni wami osebenza kaMasipala uthi 'kwazwakala emsebenzini kuthiwa yeyi asikaze siyibone ingasasiphi eyayenzeka eSlangspruit'. Kuthiwa uNtombela wayebalethe ngama-truck abantu bakhe bezohlasela kuthina la-ngenhla kuthiwa babevele babone amatshe umangabe bethi beyadubula, bavele bamubone umuntu elephezulu badubule phezulu bayeke umuntu phansi mabethi bayadubula badubule phezulu ngalelo langa yashayeka iNkatha ayiphindanga yazohlasela, kwakungayo iminyaka yama 80s.

Nangoke uMrs Mavundla onendodana yakhe. Lena esiyakhe lesiyastezi osibona laphaya, eyayifunda eSiqongweni. Kwashukuthi umama nendodana abazwani kanje, umama iNkatha indodana iUDF. Ithe isuka indodana yakha amabhomu ukuthi yayizo wenzani kanjani ngoba awazange thina asisebenzele angeke ngisho ukuthi akhona ake asisiza ngawo. Ngoba kuthe kuqambe sekushuba kudlame, wayengasekho esebalekile efunwa amaphoyisa.

Mhlazane ayezohamba aye la abalekela khona wathatha lezizinto zamama wakhe zeNkatha aswenka ngazo oma-barethi, oma-necklace akhona, ama-shethi a-brown, iziketi ezimnyama kanjalo. Kuthiwa uyakhumbula ukuthi indlu yakwa Mavundla yayihlukene, iphaseji mesekuba ama-kamera aphumela ephaseji kanjalo ne-dining room kuthiwa wazindlala phansi kusuka ephaseji waze wazophuma le emnyango ehambe enyathela phezu kwazo lezingubo zeNkatha. Kuthiwa washaya wachitha, njengoba usebuya manje sekukhululekiwe.

Phela manje kwase kushubile kwakungasekho ukuqhubeka neNkatha nakumama wakhe kwase kushisa ngale ngenhla. Ziyashisa manje izingane emaqabaneni. Wahlala emaqabaneni

akukho ukuthi aphume aye ngale umfana akasekho usehambile ayike sahlala kanjalo ke. Kuthe sekukudala, ngelinye ilanga ngisemsebenzini angifonele umama walomfana athi ‘ehhe, ngisacela ukuthi ungiphelezele” ngithi mina ‘hhayi ngijahe emusebenzini’. Athi ‘cela emusebenzini ngoba angazi la ngiyakhona ukuthi ngizofika ngibulawe yini’.

Ngithi mina oho hhayi kulungile. Wathi “sizohamba nawe ekuseni” bese ngifonela emusebenzini ngibatshela ukuthi ngizofika late. Siyaphi na, ngibuza kuyena? Athi ‘hhayi siyalaphaya ku-Alexandra’. Ngithi mina ‘siyokwenzani?’ athi ‘hhayi Jabu bayobuza mayelana nendaba kaThemba’ umntanake uThemba. Oh, bayobuza mayelana noThemba? Ukuthi unjani? ‘Phela kumele ngihambe ngazi ukuthi kuyokwenziwa, ngingafiki ngikhulume into engingayazi”. Athi yena babuze ukuthi wake ‘Ngiyamazi yini ukuthi ulaphi’, ngathi mina ‘cha angimazi’, and athi ‘akakaze akubalele nencwadi?’ ...ngathi mina ‘cha angimazi’. Athi yena ‘wagcina naye mhla ufika ehambile?’ Ngathi mina ‘ehhe, ngagcinana naye mhla ngifica ehambile.”

Sabuya sahlala, angimukhohlwa namanje loyamfanyana womlungu isiZulu esikhipha njenganami nje. Ayi asibingelele sobabili sanibona bo- ma ninjani athi ‘hhayi sicela wena esho uMrs Mavundla’. Amuseshe amuseshe amuseshe amushiye lapho... hhayo abuye azekumina athi. “Ujwayelene kangakanani nalo”, ngithi mina “hhayi ngimujwayele nje impela” athi ‘nomakhelwane?’ ngithi mina ehhe noma singekho eduze kakhulu ukuthi sibengomakhelwane athi ehhe ‘wagcina nini ukuzwa ngendodana yakhe?’ Ngithi mina kade ngagcina, ngagcina mhlazane kuthiwa ihambile, athi ‘awukaze uzwe lutho nje?’ Ngithi mina cha angikaze ngizwe lutho, athi ‘hawu ngoba ukhona nje othi wabhala incwadi mhla kushone uMabhida waphathisa abantu’. Ngithi mina eyi angikwazike lokho, athi ‘hhawu! Kanti umngani onjani kanti

ongakuxoxeli indaba zakhe?’ ngithi mina ngiyakuqabuka lokho njengoba ungixoxela nje lokho, athi “akukho okufihlayo”

Aze angibuke athi ‘akukho okufihlayo? Ngithi hhayibo ngikwazelaphi? Umangabe kuyimfhlo yakhe, mina angazi lutho mina ngizokhuluma engikwaziyo. Angazi lutho nje mina ngagcina engitshela ukuthi indodana yakhe ihambile ukuthi kukhona ababefikile nayo yakhonza layikhona angikwazi lokho angizange ngikuzwe. Hhawu athi ‘wawungayile yini laphaya ngesikhathi sikaMabhida?’ ngathi ngangiyile impela kodwa phela ngangingayile ukuyofuna indaba ngangiyosekela umndeni njengabantu esihleli nabo hhayi ukuthi ngangiyokwenzani. Hhayi-ke wahamba-ke, wasidedela sahamba, ngayibuyela-ke, ekugcineni-ke yabuya-ke indodana yakhe njengoba ikhona nje ...

Kumanje isiyisikhulu isiphethe uMkhonto weSizwe mhlawumbe uke uzwe uThemba Mavundla. Ileyonto futhi naye kudala size sibe nezikhalo ekugcineni kosuku ngoba sikwenzile konke kodwa ekugcineni. Uyazi ukuthi ukuba wasibiza njengawe njengoba usibizile usibuze ukuthi ekuhambeni kwakho yini eyahlala yakuthinta kanjani kanjani. Sithe sizwa ngelinye ilanga, sezwa ukuthi ubekhiphela abantu i-tifiketi abantu esasingababoni ngisho ngesikhathi sigijima sithwala amatshe sichela iSlangspruit kwathiwa ubebanika-itifiketi zokuthi balwe udlame laseSlangspruit. Samangala sonke, wangasibiza sonke.

Ngenhlanhla u-aunti (ekhomba uVN) waziyela emenywe igenge kuyi-youth day ngenhlanhla leyo waziyela khona wafica abantu banikwa itifiketi abangazi nokuthi iNkatha yayivikwa kanjani. Mhlawumbe eMbali uyazi angithi ujwayele uyasibona isitolo ekuthiwa iZimele? mawusuka la eSlangspruit nansi iSupermakethe, isiphethwe amaPakistani manje.

Ngelinye ilanga ngesikhathi sodlame kuphele ukudla kuphele imali kuthina. Ziningi lezizingane ezisuka koMatshaheni zizosiza thina ngempi. Kufanele ukuthi asiphume ke manje

sihambe sicela. Kwaku imina, kumka-baba asazi noma sizobuya yini eMbali. Saphuma eSlangspruit saphuma ngomgwaqo lo.

Sangena ngoHlokoHloko sagudla lapho koqhamukile senzela ukuthi manje neNkatha ihlala isigadile senzela ukuthi masiqhamuka ngaseSupa kubesengathi abantu abaphuma lana eduze nje sayasazo ngena eSupa. Safika samubizela eceleni umaHadebe samutshela ukuthi sixakekile, udlame lungaphezu kwamandla ethu izingane azidlile zisuka kude, sicela usiphe nje ongasipha kona. Sikhuluma nje asazi laba abala ukuthi basilalele yini nokuthi bawoba ngoba phela leyandawo kwakuyindawo yeNkatha nakhona, wasikhiphela ikhalibodi zezinkwa noshukela nama-tin ofish, sabonga maseqa ibhriji sesiyoshona eSlangspruit.

Ngathi Nkosi usigcinile ngoba babengasidubula basibulale kungabi zindaba zamuntu. Sasizakala. Akasazi bizi ukuthi njengoba masekunje nanenzenjani, kwenzakani. Cha siyozwa ukuthi ubenikeza abantu izitifiketi zabantu abangalwanga.

Uyabona njengoba nawe usibizile nje angithi siyakhuluma kuyavuleka izinhliziyi zethu, ziyajabula, noma sekwadlula bekukhona lokho ukuthi hhawu sisebenze kanzima kanje kodwa ekugcineni singabi lutho. Akasithintanga ngalutho ukuthi itifiketi wayesithathephi kanjani asazi sezwa nje ukuthi ubenika abantu itifiketi noma singazi ukuthi zabasiza yini noma ngani lezozitifiketi.

Nangesikhathi sama-Sit-ins mhlawumbe uke uzwe. Ngangikhona angizange ngiboshwe kodwa angizange ngiye ejele ngangikhona mina ngangimpimpi. Ngesikhathi ehhe beyongena kwaLabour imina engalandela ngafika ngahlala nje emnyango kwaLabour, ngabukela bangena bedlula kumina, bangena, bangena, bangena, bangena.

Ngithunywe emahhovisi ukuthi angihambe ngiyobabheka ukuthi kuhamba kanjani kwaLabour. Angithi kwakungenwa kanje, mhlawumbe (ekhomba uNS) uSikhakhane uzongena

ehamba yedwa, kungene mhlawumbe sibebabili singena kuyohlanganyelwa phezulu kwaLabour akungenwa nje kutshengisa ukuthi kukhona into ezokwenzeka la. Bangena, bathe angiyobheka ukuthi kuhamba kanjani kwangenwa, kwangenwa, kwangenwa. Kwathi nya nya nya kuthulekile kungasangeni muntu. Ngabona ukuthi kushukuthi kukhona into esiyenzeka la. Ngakubona nokuyaluza phansi la ukuthi ikhona lento eyenzekayo. Hhawu! Yayisiqhamukile iveni hmmm kwaqhamuka enkulu le. Bathathwa balayishwa phakathi bahamba nezinja balayishwa, balayishwa phakathi. La kwathi umangabe uZe bemufaka kwakhona isidudla esingaka balayishwa phakathi yaphindela emuva ngasho ukuthi hhayi sebehambile isibathathile, wayengekho loGheli ekugcineni esithe sesizwa ukuthi uyena ophethe singazi ukhethwe ubani ngisola ukuthi wazibeka yena.

Angazi ngempela ezinye izinto bezenzeka ngobuhhoshosho futhi nina ebeniphambili kube inina eningafunakali ukuthi nibe seduze. Nangesikhathi sekutelekiwe ejele ngoba bafika bateleka ejele bathi umangabe sebatelekile ejele, kwafanele ukuthi manje abaze badube ukudla ukuze icala liye-enkantolo wayengekho uGheli. Kwafanele ukuthi abadube ukudla, baduba ukudla. Kwathiwa bayabehlisa enkantolo, ithi labo sesigijima sesiya enkantolo bathi bengena enkantolo sasesikhona phakathi sesilindile.

Mhlawumbe ukuthi kwashonwa noma mhlawumbe kwadubuleka ingane yakho, noma badubula bani... noma kukhona. Umuntu owayeshayekile ilona ongasekho emuhlabeni umntwana kadadewethu uBusisiwe, igama lomntwana wakhe uBheki lona ongasekho, akasekho ke emhlabeni uyena-ke futhi noma siyakhuluma kukhona ugogo owasisiza walapha kaNdlovu kubo kaZinhle ngesikhathi nje iNkatha isithi iyamuqeda. Ugogo lona wavula umnyango wamufaka ngaphansi komubhede bathe befika abafana beNkatha wathi udlulile kanti uyaphila umfihlile.

Legenge eyayincane igijima kakhulu iyona legenge eyayincane igijima kakhulu. Uyena muntu owathinteka ngaleso sikhathi bathi befika khona bathi kulogogo simubonile ubefake isikibha esinje. Wathi ugoto badlulile kanti bamushiye endlini uyazi ngalelo langa kwathi umangabe ehhe sebemujahha esewelega ngaphesheya komfula.

Ehhe kwakumfana, wathi mayebuka ngendlela ayesegijima ngayo simugade ngamehlo wathi kulungile mabembulala umntanami, umangabe bemubeke obala njengoba iNkatha yayinomukhuba wokuthi ibulale umuntu imufihle. Isitulo ayekusona angazi noma kwaku-ukuthuka yini savele sathi vodlo ngamubona ukuthi uthintekile kanti logogo uzomusiza amufihleke, kwathi sekuhwalele samubona eseqhamuka ayi alusiphathanga kahle udlame. Alusiphathanga neze kahle udlame kuningi nje okwenzekile ezimpilweni zethu... eSlangspruit indawo enako ubusela nani, nani. Kodwa ngikutshela ukuthi umangabe sekuthiwe nansi wawungavali umangabe kade kuvuliwe mawuphuma wabaleka uzoshiya kunjalo. KwaTV iyakhanya laphaya futhi akekho ozoyithinta uzobuya lapho ubuya khona noma ingakusasa kuvulwe genge nofikayo uzothi ngqo abone ukuthi babalekile naye adlule kanjalo.

Akekho umuntu owayetshontshela omunye umuntu ngaleso sikhathi. Kwathi nje ekugcineni yaqala iNkatha mawungena eSlangspruit ibisifika intshontshe umangabe ifika kuvuliwe ithuthe izinto zabantu ihambe nazo.

Ey saphatheka kabi ngoba kwaphuza nokudlula ezingqondweni zethu ngoba sasingenakho ukujabula singenakho ukujabula. Kwakusithinta kakhulu nje kuhambe izingane zisesikoleni. Ziqhume izibhamu izingane zisesikoleni uyazi khona zakezaqhuma izibhamu nganginezingane ezazifunda EZibukezulu uXolani noSthe...zasho izibhamu, zasho izibhamu ngimephandle ngiyawasha ngathi oho kushukuthi abanta

bami abazobuya namuhlanje. Kwathi umangabe kuqhamuka uSthe ngathi uphi uXolani, wathi hhayi ma uyeza kwathi mabeqhamuka bobabili ngathi ngiyabonga Nkosi lwasithinta nje kakhulu kanti noJerome (warlord) wayeziqeda izingane. Wayeyishaya ayilinde, kodwa naye wagcina eshonile.

Angithi uBab’Gwala wathi kulabafana bethu angithi wayehlala laphaya phezu komfula. Wathi kulabafana bethu abahambe bayomudubula uJerome.

Ehhe bamushaya esathi uyangena ekhishini kwakhe efika phela ngemoto esethu uyangena ekhishini kanti nangu umulalele u-number 1. Wasibeka enyameni gingqingqi sakikiza ngalelo langa. Mhlazane sekwi langa lomungcwabo abasishayanga kanje ngamatshe amaphoyisa wena...Nanti i-aeroplane la sibadukluze phela manje angithi babelekile manje sibadukluze bephuma ngale eSlangspruit sibadaklaze ngamatshe, sibadaklaze ngamatshe sathi nje hooray siyabonga akahambe naye.

Wadubula ngisho u-Afrikaner? Wamubulalela uAfrikaner mhlawumbe wakewezwa kuthiwa leliyatafa laseFEDSEM beligcwele izingane ezibulelwe. Kwakunezidumbu mhlawumbe zaziko-40 ezazilapho ngaleso sikhathi sodlame. Ngoba phela ukuze ubaba u-Afrikaner adutshulwe wadutshulelwa lezozingane ezazigcwele laphayana, zaziphumela laphaya eSt.Marks umfundisi owayezingcwaba uAfrikaner...wafela lokho ke eNkatheni kuthiwa uyiqabane ngoba ungcwaba amaqabane bamdubula-ke kade ehambisa izingane esikoleni.

ESlangspruit udlame lwalunjalo nje kodwa wayengena eSlangspruit ezekuthina.... Ngakithi thina sawelwa indlu yakithi ngesikhathi sezikhukhula. Kwasekusontelwa endlini. Ilowo nalowo kukhethwa umuzi okuzosontelwa kuwona kanjalo kanjalo wayeza nje ekhululekile kwathi mhla efile kwathi ukuma kancane.

Ey alukho usizo esaluthola, ukuthi mhlawumbe kukhona ukudla athi nakhu phekelani izingane ay cha. Kwakuthi

uma sekuvele umshophi kube yikona nje uku-supporthana. Kwakuhlanganiswa zona izimali kushiwo ukuthi sicelela bani sihambe si-doneyitha kanjalo ihlangane kwazeke ukuthi ayofihlelwa-ke loyo muntu umntwana wakhe engabe yini.

Mina ngizosho nje ngithi kwangithinta kakhulu namanje kusahlale kuhlale kuvuke enhlizweni yami kodwa ngeke ngi-counselishwe ngalokho kodwa into eyayidala ukuthi ngilimale emoyeni wami, lelisoka elabulala udadewethu kwakumfowabo kaMrs Mavundla uyangizwa...?

Kwakumfowabo kaMrs Mavundla kwakushomi wakhe udadewethu, wamuqomisa umfowabo mayesegwazwa udadewethu selithi lelisoka uthelelweni uyangizwa, lokho kuhlale kwenza ukuthi ngibe nemibuzo ukuthi kwasekuqaleni kwakwenzakaleni. Ngoba udadewethu esezoshona wathutha ekhaya wahamba wayohlala kwaMavundla lona osenesitezi laphaya wathi bathintana noma bebanga izingane.

Udadewethu wahamba wayohlala khona laphaya kwaMavundla, kwakushomi wakhe phela unkosikazi wakwaMavundla wayohlala kuyena. Ngimubuze, ngibuze nomama, athi uyazi angithi ukuthi udadewenu akasekho layikhaya. Ngithi mina yini? Athi angimazi uvele wahamba. Ngithi mina okunjani lokho.

Izingane zazihleli no-mama wayefika njengesivakashi nje ekhaya bese ngiyakuyena ngithi 'uhlaleleni la?' Abese ethi hhayi 'sishayisene noma' ngithi 'nibangeni?' Athi hhayi 'sibange izingane' kanti babebange nalo ogcine esemubulele.

Kwaku-84 hhayi kwaku87, ehhe kwaku87, ehhe alokhuze athi hhayi asizwananga nomama mese ngibuze ngithi 'lezingane othi ehhe nibanga zona nino-mama kanti ezabani? Athi 'yena ezami' ngithi manje inkinga yakho wayinikeza uma ngathi 'hamba wena ubuyele enganeni zakho ingane zakho unelungelo lokuthi uzishaye umthetho noma ikanjani' buyela

ezinganeni zakho. Ngithi ‘ushiye uma yedwa nalezingane ezixaka wena? Yena uma-azizomuxaka yini ngoba yena akaboni? Wabuyela kanti ubuyela izinsuku seziyaphela?

Mina engikubukayo ukube ngesikhathi efika uBab Mandela. Wafika laphaya eSlangspruit ukuba mhlawumbe wayezithathile izidingo ezisikhathazayo mhlawumbe ngabe zonke izinto zalungiseka nalengcindezi engaka yokuthi ngoba manje bathi masizwa. Asisho ukuthi siyakwazi lokho bathi uHulumeni uthi ehhe indawo ufuna ukuzithenga zabo ngabe asinayo lencindezi yokuthi Ehhe umangabe kuthiwa bala nazo basho imali enkulu. Ngoba abafuni nazo...ngabe asinayo lencindezi yokuthi sihlale ezindlini eziwayo ngoba sisaba ukuthi uzothi uyakha la, unede uyiqede umuntu athi le ndawo eyami.

Ngifuma imali engaka wena ephaketheni lakho ube ungenayo. Sekufanele ukuthi wenze njani manje uyayidiliza lendlu manje ukuthi uyakhe ngamalini akusho lutho. Mhlawumbe ukube uBaba Mandela ngesikhathi efikile lapha eSlangspruit izidingo zethu wathi akenisho okuniphethe kabi mhlawumbe ngabe kukhona okwenzeka. Empilweni yethu ngoba ayikho indawo embi njenge ndawo yaseSlangspruit ayinama-thoyilethe, kwenziwa ama-thoyilethe emigodi... nabaqalayo manje bethi bayakha bathi umangabe bakhile bakhe itamukoko esingahlelekile obonayo ukuthi uyayibona lento isiyi sifo kwayona ayenzekile ngokusemuthethweni.

Amanzi thina eSlangspruit asinawo besikha emugwaqeni avalwa amanzi. Mina ngangi ngenawo kwami izingane zikha emugwaqeni ngabuza kuNelly lona obekade engumaqamba eqothile ngaleliya langa ephethe ibhuku ngathi weNelly umangabe nivala amanzi emugwaqweni singenawo amanzi uchaza ukuthi asiwatshontshe yini? Wathi yena “uyokwenza okubonayo”. Ngathi phela uthi asiwatshontshe umangabe uyovalala amanzi emugwaqweni...kungekho manzi angena

ngaphakathi kuthina kodwa-ke ngawadonsa amanzi
ngawafaka kwami kodwa ngikhulume naye uNelly.

Uyisiqevuqevu, akayifuni inkulumo eqhamuka ngomunye
umuntu ufuna iqhamuke ngaye, sawadonsa amanzi eSlangspruit
bamubalwa abantu eSlangspruit abanamanzi adonswe
ngokusemuthethweni. Ngoba kwakufanelwe ukuthi kulungiswe
lokho umuntu nomuntu alungiselwe indawo yakhe akhokhe
umangabe kufanele akhokhe kanjalo kanjalo manje nje siwafakile
awakhokhelwa nje uyayibona leyonto. Indawo yethu ayihlelekile.

UMABONGI MTSHALI ONGUMGQUGQUZELI WALEZINGXOXO

Esigabeni sokuqala se-projekthi, abesifazane base-Ashdown bazwakalise ukukhathazeka ngokwenziwa kwale-projekthi ngenxa yokuthi izovula amanxeba asepholile. Kuthe uma sebechazelwe ukuthi kuhlelwe ukuthi kubekhona abazosiza ngokwelulekwa ngokwengqondo kulabo abadingayo, i-projekthi ibe seyiyaqhubeka ngaphandle kwezingqinamba.

Ngokubona kwami laba besifazane base-Ashdown bakwazile ukumelana nesigaba sokuqala se-projekthi ngendlela enenhlonipho nangesizotha ngenxa yokuthi bafundile ngezinhlelo zentuthuko. Uma i-projekthi iqhubeka, ngibe sengithola ukuthi laba bakwazile ukuxhumana nabantu bangaphandle, bafunda okuningi ngesikhathi nangemuva kwezinxushunxushu. Bafundile baphinde bathola ulwazi kanye namakhono okusebenza emphakathini kanye nasemaqenjini. Ngokusobala, bazuzile ngokubambisana kwabo nabe Black Sash, Monica Wittenberg, abakwa-Red Cross, Wendy, AFRA, PACSA, SACC, James Lund, John Aitchison, kanye Vaughn John wase-UKZN. Bafundile ngezepolitiki kwathi abanye baze benza nezifundo ze-khomputha. Abanye basebenza njengezikhulu kwi-NAWU.

Iningi labo babethandaza kakhulu. Bayigxeka lempi yezombangazwe indlela eyayibancisha ngayo ithuba lokuhlangana ndawonye emthandazweni. Base bethi uma bethandaza, umuntu athandaze ngayedwa. Omunye owayebambe iqhaza wayethandaza emgwaqweni ngesikhathi sempi. Ngamandla omthandazo nokholo lwabo lwabahlanganisa kanti futhi bayakholelwa ukuthi lwabasiza ekunqobeni isitha, ikakhulukazi umphaki wempi endaweni owagcina edutshulwe washona.

Yangihlaba umxhwele indlela laba besifazane abakha
ngayo ubuhlobo neminye imiphakathi enjege-Dambuza
ikakhulukazi kanye neMbali ngesikhathi sempi. Uma
bebhekene nokuhlaselwa abaseMpumuza ngesikhathi
abayeni babo bengekho besemsebenzini, babekwazi ukubiza
abaseMbali kanye neDambuza ukuthi bazobalekelela.

Ngabazwela kakhulu uma bexoxa ngendlela amadodana
abo ayebulawa ngayo ngendlela eyayinyantisa igazi ngesinye
isikhathi uthole ukuthi kwakwenzeka phambi kwabo, nemizi
yabo yayishiswa bebhekile. Bambalwa kakhulu abasebenzise
ithuba lokuyolulekwa ngokwengqondo njengoba ithuba
lalivelile. Bathi sebazifundisa ukubhekana nobuhlungu.

ZENZEKA KUPHI LEZINDABA

Indaba ye-GREATER EDENDALE isuka kudala ngaphambi kwezikhathi zombango wezepolitiki nomzabalazo ochazwa yilaba besifazane. Ababusi baseBrithani babefuna izizwe zihlale ngokwehlukana. Indawo yokuqala e-Natali eyabekelwa abamnyama kwaba ngo-1846 i-Zwartkop/Swartkop (Ngaphezulu1). Lokho kwakusho ukuthi uhulumeni ophethe wawungakwazi ukugcina izinhlanga zihlukene futhi ulawule ama-Afrika. Ipulazi elingama-hector angaphezu kuka-6000 eliphakathi kwe-Zwartkop noMgungundlovu okwakungela-Andries Pretorious nalo ekwakuyindawo yokuhlalisa abamnyama lathengwa umfundisi waseWesley uJames Allison ngo-1851. Kwmuva labizwa ngokuthi i-Edendale.

Abahlala kulendawo eyathengwa u-Allison babebizwa ngokuthi ngamakholwa (abaguqukile). Amakholwa akwazi ukuthola umhlaba namatatiyela lapha. Lawa amakholwa abambe iqhaza elibonakalayo empilweni yengqondo namasiko yaseNatali ngisho nasezingeni likazwelonke. Lesi kwaba yisiqalo seqembu elidumile lase-Afrika. Izicukuthwane (ononhlevu) kwakungama-Afrika ayengamaKrestu futhi efundile. Ngenxa yalokho amanye amalungu asungula i-African National Congress, okuyiqembu elibusayo manje eNingizimu Afrika, aphuma e-Edendale. Abantu abamnyama base-Afrika abampofu kanye nabangaguqukile (omakhul'ehlupheka) basala emngceleni walomphakathi.

Indawo yase-Greater Edendale manje seyakhiwe izigodi zendabuko ngaphansi kobuholi bendabuko ezaziwa ngokuthi iVulandlela, amalokishi (iMbali, kanye ne-Ashdown) ngaphansi kokulawulwa ngumasipala, umhlaba wabantu abanamatatiyela nalowo onemijondolo. I-Edendale ngokwanamuhla lapho

abanikazi banamatatiyela kubekhona nezindawo ezingaphansi kukahulumeni wesifundazwe (IDP yoMsunduzi, 2021-2022).

I-Greater Edendale manje isiyingxenye kaMasipala uMsunduzi eMgungundlovu KwaZulu-Natal, eNingizimu Afrika. Umasipala waseMsunduzi uthatha indawo engu-635 Km² enabantu abalinganiselwa ku-617,000. Ingxenye yalaba bantu ihlala endaweni yase-Greater Edendale. Idolobha lingesibili ngobukhulu KwaZulu-Natal kanti futhi liyinhloko-dolobha yesifundazwe.

ZIQOQWE KANJANI LEZINDABA

Ngokugqugquzelwa nguSibongile Mkhize idlanzana labesifazane ababebambe iqhaza ekulweni nobandlululo ku-ANC kanye ne-UDF baba nezingxoxo mayelana nokushicilelwa nokuqoshwa kwezindaba zabesifazane ngomzabalazo eKZN Midlands. Kulezi zingxoxo kwasungulwa iqembu elincane elabe selicubungula kabanzi intshisekelo yalo futhi lenza umzamo wokuqala wokufinyelela kwabesifazane ababe bandakanyekile. Lokhu kwenziwa ngesimemo esabhalwa ngolimi lesiZulu emaphephandabeni endawo ngomhlangano ovulelekile owabanjelwa KwaZulu Natal Museum eMgungundlovu.

Abesifazane abambalwa bakha ithimba elisebenzayo ukuze baqophe futhi bashicilele izindaba zabesifazane emzabalazweni e-KZN Midlands. Okokuqala, sibheke ukuthi abesifazane bayafuna yini ukuxoxa izindaba zabo. Safaka isikhangiso ngesiZulu emaphephandabeni endawo ukuze simeme abantu besifazane emhlanganweni ovulelekile ozoba seMgungundlovu kulomhlangano abesifazane bathi bangakuthakasela ukuxoxa izindaba zabo.

Kuleliqembu elincane lihlanganise uSibongile Mkhize, uJabu Bhengu, Mabongi Mtshali kanye noFiona Bulman. Leliqembu lathola izeluleko kongoti abafana ne-KwaZulu-Natal Museum kanye ne-Centre for Adult Education eNyuvesi yaKwaZulu-Natal. Siphinde saxoxa nomsebenzi wasemtapweni wolwazi e-Alan Paton Centre kanye ne-Struggle Archives e-UKZN futhi kwavunyelwana ngokuthi zonke izinto eziqoshiwe kanye nemibhalo eqoshiwe izogcinwa khona. Izizukulwane ezizayo zizwe laba besifazane bexoxa izindaba zabo.

Emhlanganweni owawuse-Museum kwakhethwa owesifazane endaweni ngayinye kweziyisithupha (Esigodini, Caluza, Ashdown, Dambuza, Imbali kanye neSlangspruit) owavuma ukubiza labo abathanda ukuhlangukuma uma kufika isikhathi sokuxoxwa kwezindaba zabo. Kuthathe isikhathi eside ukuthi sikulungele ukwenza lokhu kwathi ngo-July 2018 saqala ukuhlangukuma namaqembu abesifazane.

Saqasha amantombazane amabili uThandeka Majola noSiyathokoza Hlophe ukuthi basize ekuqopheni lezindaba bese bezibhala phansi njengoba besitshela abesifazane. Lokhu kwakungeyona iphrojekthi yocwaningo; kwakungukuvumela laba besifazane ukuba baxoxe izindaba zabo ngokwenzeka kubo futhi zingashintshwa. Lesi kwakuyisithembiso sethu. Amalunga amabili eqembu lethu, uJabu Bhengu kanye noMabongi Mtshali, basiza ababhalisi ngokubuza imibuzo nokwenza isiqiniseko sokuthi wonke umuntu uyalithola ithuba lokuxoxa indaba yakhe.

Saqonda ukuthi kwabanye besifazane lokhu kuxoxisana kungase kubuyise izinkumbulo ezibuhlungu futhi sahlela ukuthi iSinomlando inikeze izeluleko (counselling) uma kudingeka.

Kwaba nemihlangano emithathu yamaqembu yonke eyenziwe ngesiZulu. Owokuqala kwaba ukwethulwa kwalomsebenzi. Sachaza isithembiso sethu sokuthi sizothola indlela yokuthi abantu bafunde izindaba zabo futhi ngeke siguqule amagama abo noma izindaba zabo. Labo abesifazane ababebambe iqhaza kulamaqembu basayina ifomu bevuma ukuthi singawashicilela kodwa futhi bazi ukuthi bangahoxa basuse izindaba zabo noma inini uma bethanda.

Emhlanganweni wesibili uJabu noMabongi babuza lemibuzo:

- Uzalwe nini, wazalelwa kuphi?
- Uqale nini ukuhlala eDambuza?
- Bewenzani ngeminyaka yama-80s?

- Yiziphi izehlakalo ngeminyaka yama-80s kanye nasekuqaleni kwama-90s ozikhumbula kahle?
- Lezizehlakalo zibe namuphi umthelela kuwe, emindenini wakho, emphakathini wakini?

Ezinye zalezindaba zazizinde kanti ezinye zazimfishane. Lokhu kungenzeka ukuthi babengasakhumbuli okunye noma bakuzwa kunzima ukukhuluma ngendaba yaleziyazikhathi. Kukho konke lokhu bekulalwena, kuhlonishwana futhi kunakekelwana ngesikhathi kuxoxwa lezindaba. Kukho konke kwakunosizi olukhulu ukubheka emuva kulezozinsuku kanye nalezo zigameko.

“NGAMAZWI ETHU”, kwakuyisibopho esenziwa kwabesifazane esihlonishwe ngoshicilelo lwezindaba zesiZulu kanye nokuhunyushelwa kwisiNgisi.



Sibongile Mkhize owathi kubalulekile lezindaba zixoxwe ziqophwe.

